


IZINTO EZIZOBA KHONA

 KuMfowethu Boone nebandla, impela lena yi—yinhlanhla enkulu kimi ukuba ngibuyele eSan Bernardino futhi. Lendawo iphethe eziningi izinkumbulo ezinkulu zezinsuku ezedlulayo. Nokuzwa lokho, ukuvakasha lapha, futhi kusalokhu kunokuthonya okuphilayo, ngani, impela kukwenza uzizwe ujabulile ukuthi iNkosi isiqondise ngalendlela, iminyaka eyadlulayo.

² Kade nje ngihlezi phandle lapho endaweni yokupaka, njengamanje, ngizama ukukhumbula ngesinye sezehlakalo ezenzekile. Kwakukhona uNkk. Isaacson wayekade engutolika wami eFinland, emkhankasweni waseFinland, futhi weza emotweni lapho ngenkathi ngisanda kusuka nje. Futhi wathi, “Iphimbo lakho laseFinland.” Futhi nje angazi noma uNkk. Isaacson wakhe khona lapha. Bengingazi. Akwenzekanga ukuba abe khona kulobubusuku, ngiyethemba? UNkk. May Isaacson, futhi ungowaseFinland.

³ Bese kuthi enye into egqamile efike ezinkumbulweni zami, kwakunguweta omncane esitolo othenga udlele kuso engidlela kuso, ndawondawo eduze, basibiza ngeAntlers Hhotela. Ngikholwa ukuthi kunjalo, manje. Nenenekazi elincane laline... Ngangikhuleka nalo. Laline... Lona, inenekazi elincane elihle, kodwa lalingesuye umKristu. Ngalimemela emhlanganweni. Futhi lalilahlekelwe yingane, futhi ngikholwa ukuthi umyeni walo, behlukana. Futhi sasikhuleka ukuthi lifanele lilungisane nomyeni walo, noma babezobonisana, ndawonye. Ngakho, angazi nje noma lelonenekazi elincane lingaba khona. Niyabo? I. . .

⁴ Bese kuthi-ke esinye isehlakalo esenzekile, kwakuyingane encane eyalethwa ivela ndawondawo, cishe okuwusuku ushayela. Futhi yayikade ifile, futhi yayilele ezingalweni zikanina. Futhi yabuye yavuswa. Ngabe lokho... Ngabe lowomuntu ubekhona lapha na? Futhi iyafika, ngiyakholwa, ivela esifundazweni enhla *ngapha*, macala onke, yayingenhla lapha. Nomama omncane wayeshayele ubusuku bonke, nobaba, nomama omncane ehlezi lapho, ngokudabuka, ephethe eyakhe encane, ingane esiyisimo esifile. Futhi ngacabanga, “Ukukholwa okunje pho!” Ukuba ngangingumzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, uNkulunkulu wayezohlonipha lokho kukholwa kukamama.

Ngiphethe ingane encane ezandleni zami, *kanjalo*, ngikhuleka. Yafudumala, iqala ukunyakaza, yavula amehlo ayo amancane. Ngayibuyisela kumama wabo. Ngakho, babevela ndawondawo. Angicabangi ukuthi

babengamaPentecostal, nokho. Babe nje. . . Ngikholwa ukuthi nje kwakungeliny'ibandla, ukuthi kusukela. . . Angazi ngisho noma ngabe babengamaKristu, noma qha. Angizange ngibabuze. Nje ngangithokoziswe yingane encane ibuye yaphiliswa futhi.

Kusukela ngaleyonkathi, uMfowethu Boone, amanzi amaningi ehlele emfuleni. Kodwa sisakhonza uNkulunkulu ofanayo Osalokhu enguyena izolo, namuhla, naphakade.

⁵ Nje ngiqalaza, ngibona uMfowethu Leroy Kopp ehlezi lapha. Kungokokuqala kade ngagcina ukumbona. [Umfowethu uthi, "UnguPaul Kopp lapha."—Umhl.] UPaul. Kunjalo. ULeroy nguyihlo. Kunjalo. ["Futhi u—useRashiya, kulobubusuku, ngakho mkhulekele."] O, he! ERashiya. Awu, lokho ngukuthi, ngiyazi, lelisosha eliyiqhawe lapho, lilapho ebhizinisini leNkosi. ["Kunjalo."] Ngakho, ngijabule ngempela ukuba lapha nokuzwa lomfundisi osemncane ethi waba nogqozi ngenkonzo esasinayo ngenkathi sasilapha. Lokho kuyinto enkulu exhuxhumisa kanjani pho!

Futhi ngiyethemba manje, ukuthi, sazi ukuthi sine. . . Abantu bamile, futhi ngeke sikhathathise eside kakhulu. Siyazikhumbula lezozinkonzo ezinkulu zokuphilisa.

⁶ Manje-ke, ngiyaqonda ukuthi kukhona u—u—umfowethu lapha komakhelwane, ndawondawo, obambe umkhankaso wokuphilisa, uMfowethu Leroy Jenkins. Ngikholwa ukuthi kunjalo. Futhi ngakho ngibonga kakhulu, ngethemba ukuthi iNkosi iyambusisa futhi imupha enkulu, inkonzo enkulu. I. . .

He, ngizizwe ngihlonipheke ngempela, kulobubusuku, ukungena endaweni yokukhonzela enjengale. Ngizizwa njalo ngingcono ukuba sengalini yokukhonzela kunoma ngena kulawomahholo. Akukho okumelene nehholo. Kodwa, niyazi, ngi. . . Kungahle kube yinkolozwe, noma nje ngi. . . Kuzwakala kimi njengeqiniso. Niyabo? Ba. . . Ungena kulawo mahholo lapho okunezimpi, ukubambana, umbukiso onhlobonhlobo, yonke enye into yenzeka, imimoya emibi ubonakala ulenga ngakulezozindawo. Manje, lokho kungabonakala kuyinkolozwe, kodwa akunjalo. Kodwa uma ungena endlini yokukhonzela, u. . . ngokweywayelekile, impela ibandla likamoya, kubonakala sengathi, lokho ngukuthi, u—uzizwa kakhulu ukhululekile, sengathi kukhona—kukhona into ethize. UBukhona bukaNkulunkulu bulapho. Niyazi, kubonakala kwehlukile. Angazi ukuthi isakhiwo sinamthelela muni, kodwa yilapho abantu bebuthana khona. Kusobala, okufanayo, abantu bakwenye indawo, kodwa kulezozinkundla ezimbi. Kungahle kube yimi nje engicabanga ngaleyondlela. Kodwa, empeleni, ngiyajabula ukuba lapha kulobubusuku.

⁷ Futhi manje asifuni ukunihlalisa isikhathathise eside kakhulu, ngenxa yezethameli ezimile. Futhi siya, kusasa ebusuku,

kwenye indawo ethize lapha. Angazi ngisho nokuthi kukuphi. Kuseduze kwalapha. [Umfowethu uthi, “eHholo loMbukiso iOrange.”—Umhl.] Kuphi? [“EHholo loMbukiso iOrange.”] EHholo loMbukiso iOrange, okwezinkonzo zakusasa ebusuku. Ngi...Lokhu kuphakathi, ngikhuluma ngohambo lweqembu lo—losomabhizinisi boSomaBhizinisi beFull Gospel. Okungukuthi, ngibe nenhlanhla yokukhuluma umhlaba jikelele, ngenzela bona. Futhi ngakho phakathi lapho, umngani othandeka kakhulu usimemele lapho, futhi siyajabula ukuba sebandleni kulobubusuku.

⁸ Manje, ngaphambi kokuba sivule iBhayibheli...Manje, noma ubani onamandla angokomzimba angaLivula ngalendlela. Niyabo? Kodwa kuthatha uMoya oNgewele ukuvula iZwi kithi, avule ukuqonda kwethu futhi embule imiBhalo. Ngiyakholelwa eBhayibhelini. Ngikholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi umhlaba, noma abantu bomhlaba, bayohlulelwa ngoluny’usuku ngaleliZwi. Manje, lokho kungabonakala kuyisimanga. Manje, baningi abehlukile kulowomqondo.

⁹ Ngangikhuluma nomngani wami othembeke kakhulu, esikhathini esingaside esedlule, oyikKatolika. Futhi wathi, “UNkulunkulu uyohlulela izwe ngebandla eliKatolika.” Uma lokho kunjalo, liphi lona ibandla eliKatolika na? Niyabo? Ngakho, uma Elehlulela ngeMethodisti, pho-ke kuthiwani ngeBaptisti na? Niyabo? Uma Elehlulela ngelilodwa, elinye lilahlekile. Ngakho, kuningi kakhulu ukudideka lapho.

Kodwa sizofanele siye kuLo, ukuthola isitatimende sethu—sethu esiqinisileyo, neBhayibheli lithi uNkulunkulu uyokwehlulela izwe ngoJesu Kristu. Futhi UyiZwi. UJohane oNgewele 1, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” AmaHeberu 13:8 wathi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Futhi ngiyakukholwa lokho ukuthi kuyiQiniso. Manje, ngiyakukholwa. E...

¹⁰ UNkulunkulu, ekuqaleni, enguNkulunkulu ongenasiphelo; Unesiphelo futhi...noma akanasiphelo, ngiqonde ukusho njalo. Thina singabanesiphelo. Umqondo waKhe mkhulu kakhulu, futhi thina, emqondweni wethu omncane onesiphelo, ngeke saqonda okwaKhe okukhulu, ukuhlakanipha okungenasiphelo. Kodwa ngakho-ke, uma Ekhuluma noma yini, ingahle ibonakale iyisimanga kakhulu kithi, ukuMuzwa esho into ethize emBhalweni, kodwa ifanele yenzeke. Ngikholwa ukuthi amaZwi aKhe awasoze adlula. Ngakho-ke, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu, azi ukuthi thina emqondweni wethu omncane onesiphelo sasingeke sahumusha umqondo waKhe—waKhe omkhulu, Uhumusha iZwi laKhe Yena. Akadingi—mhumushi.

Uhumusha iZwi laKhe Yena, ngokuqinisekisa leloZwi enkathini yaLo yonyaka.

¹¹ Ngikholwa ukuthi, uNkulunkulu, ekuqaleni, ukuthi uNowa wayeyiZwi lalolosuku, loMlayezo waKhe.

Manje, kwase kufika, emva kwalokho, kufika uMose. Manje, uMose wayengeke athathe iZwi likaNowa. Wayengeke akhe umkhumbi bese ebantantisa abakhiphe eGibhithe, ezansi noMfula iNayili, noma baye ezweni lesithembiso, noma kanjalo kanjalo. Umlayezo wakhe awusebenzanga osukwini lukaNowa; leyo kwakuyinxenye yeZwi likaNkulunkulu elaqinisekiswa ukuthi liyiQiniso nguMose.

Kanjalo noJesu wayengeke abe neZwi likaMose. NoLuther wayengeke alondoloza izwi lebandla eliKatolika. UWesley, wayengenakulondoloza iZwi likaLuther. NePentecostal, babengenakuthatha iZwi leMethodisti. Ba . . . Niyabo?

IBandla liyakhula. Unyaka ngamunye, wabelwe emBhalweni lapha. Ngakho, uNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, wembula iZwi laKhe, ngokuLibonakalisa nokuLiqinisekisa, qobo lwaKhe, ekhombisa ukuthi LiyiZwi laKhe ngokwenziwa lifezeke ngosuku eLithenjiselwe lona.

¹² UJesu wakusho lokho. Wathi, “Uma ningenakungikholwa Mina, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo,” ngokuba ifakaza ngokuthi Wayengubani, niyabo, uma noma ubani ubewazi umBhalo.

Manje, Uza ngokuyinqaba kabi, ngokuyisimanga, ngangokuthi abantu abafunanga ukuMkholwa, ngoba, “Yena, enguMuntu, wayeZenza uNkulunkulu.”

Ngakho, WayenguNkulunkulu, esimweni, “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.”

“Futhi akekho ongenza lemisebenzi uNkulunkulu engenaye,” njengoba sazi uNikodemu washo lokho. Ukuthi, iSanhedrini yakukholwa lokho.

¹³ Manje, siyakwazi lokho, leloZwi. Ukuba babelazile iZwi! Wathi, “Ukuba benimazi uMose, beniyakungazi Mina, ngoba uMose waloba ngaMi.” Futhi siyabuka. Ukuba babebuke emuva emBhalweni, babone ukuthi uMesiya wayefanele ukwenzani, khona-ke babeyoMazi ngokuqinisekisa, ukuthi, “UNkulunkulu, ngoKristu, wayenza ukuba izwe libuyisane naYe,” futhi ezezeka zonke izithembiso ezazingezikaMesiya, Ayezozenza. UJesu wafakaza ngaleloZwi, enza leloZwi liphilele lolosuku.

¹⁴ Futhi ngikholwa ukuthi leyo yinto efanayo esiphila kuyo namhlanje: uNkulunkulu efakaza ngeZwi laKhe, ngokuqinisekisa lokho Athi Wayezokwenza. Manje, siyazi ukuthi lolu wusuku lwensindiso, lapho uNkulunkulu ebiza khona abantu ezweni, besuka ekuphileni kwesono, kuya ekuphileni kokukhonza. Nangosuku uNkulunkulu

ethulule khona uMoya waKhe uvela Phezulu, izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu zifanele ziphelekezele inkonzo yalolusuku. Lena yi. . . lapho imvula yakuqala neyamuva yehla khona, kanyekanye. Futhi siyazi ukuthi kufanele kubekhona izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu. Okungukuthi, emahlelweni amakhulu amaningi, Lokhu kuyenqatshwa.

Kodwa ngibonga kakhulu ngaleminyango evuliwe engibe nayo, ukuba ngingene kuyo, nokuphefumulelwa okunikwa izinsizwa njengomelusi wenu lapha. Lokho kubabangele. . . Njengoba ngiqala ukuguga, futhi ngazi ukuthi izinsuku zami sezibaliwe, nokwazi manje ukuthi lezizinsizwa zingawuthatha loMlayezo futhi ziWushwibe kuze kuyofika ekuFikeni kweNkosi, uma Ingafiki esizukulwaneni sami. Okungukuthi, ngethemba ukuYibona. NgiYibheka malanga onke, ngibhekisise, ngilokhu ngizilungiselele lelohora.

¹⁵ Manje asikhulume kumQambi ngaphambi kokuba sifunde iNcwadi yaKhe, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

Baba waseZulwini, siyaKubonga, ukuba sibe ngabaphilayo kulobubusuku, ukuba sibuyele kulelidolobha elikhulu. Sihlezi lapha kulendawo ebonakala ndawo zonke lapha yezintaba, sibuka phezulu futhi sibona iqhwa, nokuqhakaza kwama olintshi eqhakaza, ngesikhathi esifanayo, izwe elihle kakhulu kangaka Osiphe lona ukuba siphile kulo! Nokuthi sibona kanjani ukuthi umuntu uthikameze futhi—futhi wenza kanjani kulelizwe, kusenza sibe namahloni ngathi, Baba.

Silapha, kulobubusuku, ukuzama ukuveza imizamo yethu, ukuzama ukubangela abantu ukuba babone lento enkulu uNkulunkulu ayenzile, futhi bazi ukuthi kukhona into enkulu kunenye ngaleya nje. Kwangathi singabuka kulokho, kulobubusuku, Baba, njengoba siphendukela eZwini laKho futhi sifunda. SingaLifunda, Baba, kodwa vumela uMoya oNgwele aLembule kithi ngesambulo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

¹⁶ Manje, nina enithanda mhlampe ukuthatha amanothi, no—nokufunda umBhalo nomfundisi, nje—njengoba ngokwejwayelekile beWufunda. Futhi kwakuvame ukuthi, unga mina. . . eminyakeni eyadlula, ngangadingi ukuba ngiyibhale phansi imiBhalo yami, kanjalonjalo. Kodwa sengithe ukuba mdadlana kusukela ngaleyonkathi. Niyabo? Ngisanda nje kwedlula emashumini amabili-nanhlanu, maduzane nje, eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyadlula. Ngakho, kwenza kube kubanyana. Kodwa ngisalokhu ngizama ukubambelela kuyo yonke into engaziyo ukuthi yenziwa kanjani eZwini laKhe, Aze angibize.

¹⁷ Manje, asiphenye kuJohane oNgwele isahluko 14, umBhalo ojwayeleke kakhulu esifuna ukuwufunda kulobubusuku, ukudonsa kulengqikithi, iNkosi ithanda. Cishe bonke bayawazi

lona. Ubonakala sengathi, izikhathi eziningi, usetshenziswa ezinkonzweni zemingcwabo. Uma kwake kwabakhona isikhathi engangingathanda ukushumayela ngaso inkonzo yomngcwabo, bekungaba kulelizwe. Malife futhi liphinde lizalwe. UJohane oNgwele 14:1 kuze kuyofika kwele 7, ngiyakholwa, ngimake phansi lapha.

Izinhliziyo yenu mayingakhathazeki; uma nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani nayimi.

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi: . . . bekungenjalo, bengiyakunitshela. Ukuthi ngiya futhi ukunilungiselela indawo.

. . .ngiya nginilungiselela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi; ukuba lapho ngikhona, nibe-khona nani.

. . .lapho ngiya khona niyazi, nendlela niyayazi.

UTomase wathi kuye, Nkosi, siyazi. . .lapho uya khona; siyazi kanjani indlela na?

UJesu wathi kuye, Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akekho ongeza kuBaba, ngaphandle kwami.

Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba: kusukela manje niyamazi, nimbonile.

INkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Futhi sizothathela kuLo futhi, ngezikhathi njengoba siqhubeka, ngenkathi nje sisafuna ukukhuluma isifundo esincane eBandleni.

¹⁸ Izolo kusihlwa, bengiseYuma; eArizona, lapho esekuyikhaya lami manje. Ngi—ngi. . .Ngenkathi ngilapha ngaphambili ngangakhe eJeffersonville, eIndiana. Manje kade ngiseArizona, ngombono ungithumela lapho, eminyakeni embalwa edlule. Futhi sesihlala lapho manje. Anginandlu yokukhonzela lapho.

UMfowethu Green, umfowethu lapha kanye nathi, usungule itabernakele lapho i. . . elinye lama-Assemblies of God, ibandla, amabandla asezansi nedolobha. Afufusa, futhi ngethemba ukuthi onke angena noMfowethu Brock nanoMfowethu Gilmore, washiya lelibandla livulekile. NoMfowethu Peary Green, wase—waseTexas, wangena wase eyithatha indawo, ohlangene kanye nathi. Siyajabula ukwazi ukuthi—ukuthi uMfowethu Green usephinde wayivula lendlu yokukhonzela eyayivaliwe.

¹⁹ Futhi izolo ebusuku, ngikhuluma ngale eYuma koSomaBhizinisi abangamaKristu, ngakhuluma ngendaba yokuthi *UHLwitho*. Manje, leyo bekungahle kube yindaba exakile ukukhuluma phakathi kwabo, e—edilini, kodwa cishe impela wonke obelapho bekungamaKristu. Futhi yileyo ndlela okungayo kulemikhankaso enjengalo, noma e—endlini yokukhonzela. Bengingathi manje, “Bangaki kini abangamaKristu na?” Mhlawumbe sonke isandla

besingaphakama. UngumKristu. Futhi ngakho, uma singamaKristu, ngicabanga ukuthi besifanele ngomusa saziswe ngaphambili. Asidingi nje ukuba siqagele. Siyaziswa ukuthi isiphetho sethu siyoba yini.

²⁰ Futhi ngifuna ukukhuluma ngalokho kulobubusuku. Nendaba izoba ngukuthi: *Izinto Ezizoba Khona*. Futhi manje, ngikhuluma izolo ebusuku ngokuthi *UHLwitho*, ngakho kulobubusuku, ngifuna ukukhuluma ngalendaba, ukuze ngiyibophele ndawonye noMlayezo wayizolo ebusuku. Manje, kuzobakhona uHLwitho, siyakwazi lokho. Lokho kusenkathini ezayo, ukuba kwenzeke.

²¹ Manje, uJesu lapha ukhuluma, ngokuthi, Uhambe ngaphambili ukuyosilungisela indawo. “Tzinhliziyo zenu mazingakhathazeki.” Manje, Wayekhuluma kumaJuda. Wathi, “Manje, nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani nayiMi. Njengoba nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani yiMi, ngoba NgiyiNdodana kaNkulunkulu.” Niyabo? “NoNkulunkulu,” ngamany’amazwi, “Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi. Futhi enikubona kwenziwa, Ngiyakwenza, akusiMi. NguBaba waMi ohlala kiMi. Wenza imisebenzi.”

“UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.”

²² Kwakulula kulawomaJuda ayekade efundisiwe, izizukulwane ngezizukulwane, ukukholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo. Kodwa ukucabanga ukuthi uNkulunkulu wayehlile futhi Wayezibonakalisa ngomuntu weNdodana yaKhe, uJesu Kristu, uNkulunkulu ezifake etabernakele emzimbeni wenyama, lokho kwakul’khunyana kakhulu kubo ukuba—ukuba baqonde.

Kodwa Wathi, “Manje, njengoba nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani nayiMi. Ngokuba ekhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi, futhi Ngiyonilungisela indawo.” Impilo kaJesu yayisizophela, lapha emhlabeni.

Wayebakhombisile abantu, futhi wafakazisa kubo, ukuthi WayenguJehova ebonakaliswe enyameni, ngezibonakaliso nezimangaliso ezinkulu, nenkomba yeBhayibheli Ayekade ekhombe kuyo, kuYe uqobo. Futhi Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu, ebonakaliswa.

Manje Wathi, “Uma nibona impilo yaMi iphela, iphelela inhloso. Futhi Ngiyamuka, ukuyonilungisela indawo; ukuthi lapho Ngikhona, nibekhona nani.” UJesu ngakho-ke utshela abafundi baKhe ukuthi lempilo ayipheleli ekufeni.

²³ Manje, ngisho lokhu kwakuyindikimba yomngcwabo. Khumbulani, thina, ukufa kuhlezi phambi kwethu ngqo, futhi asazi noma ngabe kungahle kubekhona abanye kulendlu kulobubusuku abangezukuphuma lapha bephila, kulempilo yenyama. Kungokungaqondakali kanjalo-ke. Imizuzu emihlanu

kusukela manje, kungaba yilabo abasha, abanempilo, abantu abasha kulendlu bangaba yisidumbu emizuzwini emihlanu kusukela manje. Lelo yiqiniso. Kanti futhi, kungaba ngukuthi, emizuzwini emihlanu kusukela manje, singaba sonke seNkazimulweni. Asazi nje. Lokho kusezandleni zikaNkulunkulu. UJesu wathi Wayengazi, qobo lwaKhe, ukuthi lesosikhathi siyoba nini, kodwa, “Lokho kwakusezandleni zikaBaba kuphela.”

²⁴ Manje, kodwa, Wayebatshelela, ukuthi, emva kokufa kukhona ukuphila. Ngoba, “Ngiya nginilungisela indawo,” lokho ngukuthi, ukubemukela, kuyakhombisa lokho lapho, Wayekhuluma kubo, ukuthi kwakukhona u—ukuphila emva kokuba lokhu ukuphila sekuphelile. Futhi induduzo enje pho efanele ukunikeza kithi sonke, ukwazi ukuthi, emva kokuba lokhu ukuphila sekuphelile, kukhona ukuphila, esingena kukho. Futhi lapho uguga, lokho kuba yikho ngempela kakhulu kuwe. Lapho uqala ukubona izinsuku zokuphila kwakho zisondelela, khona-ke kuqala ukuba, uqala ukupakisha usondele kakhulu, ulungiselela lesosehlakalo esikhulu. Kumanje... Kungukuqhubeka kwalokhu ukuphila okufanayo kwelinye izwe, enye indawo.

²⁵ Ukuzalwa kwakho lapha kwaplanwa ngaphambili. Ngiqagele niyakukholwa lokho. Nonke niyazi ukuthi ukuzalwa kwethu kwaplanwa ngaphambili. Benazi yini ukuthi ukuba khona kwakho lapha akuzange kuqale ensumansumaneni nje noma umcabango na? Yonke into yaplanwa ngaphambili yonke nguNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuthi uyoba lapha. UNkulunkulu ongenasiphelo wayazi. Futhi ukuba ngo—ukuba ngongenasisiphelo, Wadingeka azi lonke izeze eliyoke libe semhlabeni, nokuthi liyocwayiza kangaki ngeso lalo. Lokho ngukuba ngongenasisiphelo. Niyabo? Wena, imiqondo yethu emincane—yethu emincane, ngeke yakulinganisa ukujula kokuthi kusho ukuthini ukuthi *ongenasisiphelo*. UNkulunkulu ongenasisiphelo, Wayazi izinto zonke. Ngakho-ke, ayikho into ephume emgudwini.

²⁶ Uma silazi iZwi likaNkulunkulu, siyazi ukuthi siphila kuphi. Siyalazi ihora esiphila kulo. Siyazi ukuthi yini esihlalele. Siyabona ukuthi sedlule kukuphi. NeNcwadi kaNkulunkulu iyisambulo sikaJesu Kristu; imisebenzi yaKhe eminyakeni, lokho kwakuze kuyofika encwadini yeSambulo, bese kuba-ke yizithembiso zaKhe esizayo. Ngakho, zonke ezezithembiso zaKhe ziqinisele. UNkulunkulu angekhulume noma yiliphi iZwi ngaphandle kokuthi Liqinise. Lonke iZwi Alishoyo lizofanele lifezeke. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe... .

²⁷ Abanye abantu bayamxubanisa uGenesisisi, lapho, ngenkathi ethi, “UNkulunkulu uyaZiphinda.” Qhabo. Nje, uqonda ngokungesikho. Niyabo?

UNkulunkulu, ekuqaleni, Wathi, “Makubekhona. Makube-bekhona. Makube-khona.” Izwe lalimnyama nje, enxushunxushwini. Ngisho nangenkathi Ethu, “Makubekhona ukukhanya,” ngahle ukuba kwakukade kungamakhulu eminyaka ngaphambi kokuba ukukhanya kuze kugxume kungene. Kodwa ngenkathi Ekukhuluma, kuzofanele kufezeke. Kufanele kube ngaleyondlela. Niyabo? Futhi Wakhuluma iZwi laKhe. Lezozimbewu yayiphansi kwamanzi. Ngenkathi Omisa umhlaba, khona-ke izimbewu zaqhuma. Akushoyo kufanele kufezeke.

²⁸ Washo, ngabaprofethi. Ngikhombe kukho izolo ebusuku. Njengokuthi, sithatha uSaya, wathi, “Intombi iyokhulelwa.” Ubani owayengacabanga, ngomuntu owayecatshangwa phakathi kwabantu, ukuba asho izwi elinje njengalelo, “Intombi iyokhulelwa”? Kodwa ngoba u . . .

Umprofethi uyisibuko sikaNkulunkulu. Wenziwe kanjalo ukuze angakhulumi amazwi angawakhe uqobo. Kuzofanele kube ngamaZwi kaNkulunkulu awakhulumayo. Unjengesibuko nje, futhi ungumlomo kaNkulunkulu.

Futhi ngakho, ngakho-ke, Wathi, “Intombi iyokhulelwa.” Mhlawumbe wayengakuqondi, kodwa uNkulunkulu wayekukhulume ngaye. Ngoba, Wethembisa ukuthi, “Akayikwenza lutho EngaLembulanga ezincekweni zaKhe abaprofethi.” Manje-ke, ngenkathi esho lokho, kwakuyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba lokho kuze kufezeke. Kodwa kwadingeka kufezeke.

Ekugcineni, lawomaZwi kaNkulunkulu abambelelisa okwehange esizalweni sentombi, futhi yakhulelwa futhi yazala uEmanuweli. “Sizalelwa u—uMntwana, siphilwe iNdodana. IGama laKhe liyakuthiwa, ‘UMluleki,’ ‘UNkulunkulu onamandla,’ ‘INKosi yokuThula,’ ‘UYise ongunaphakade.’” Lokho kwakufanele kube ngaleyondlela, ngoba uNkulunkulu wayekukhulume ngomlomo wabaprofethi baKhe. Nawo onke amaZwi kaNkulunkulu lifanele ligwaliseke.

Ngakho-ke, siyazi ukuthi uJesu uye ukuyosilungisela indawo, ukuba emukele abantu babekuye uqobo. Bangobani labobantu, ngethemba ukuthi kungukuthi siyinxenye yalabobantu kulobubusuku. Uma kungenjalo, mngani wami, uNkulunkulu wenze indlela, isimo, ukuthi ungabandakanywa kulokho uma ufuna. Usekuzikhetheleni. Ungaziphatha ngendlela ofisa ngayo. Kodwa manje qaphelani, manje, kulelizwe elizayo. Kukhona izwe elizayo.

²⁹ Njengokuzalwa kwakho nje lapha, ngathi, walungiselwa. UNkulunkulu wazi ukuthi uyoba lapha.

Futhi manje niyazi, ngisho nezinto ezenziwe ngabazali bakho, manje, abantu bacabanga ukuthi lokho akuhanjelwa esizukulwaneni ngesizukulwane, kodwa kuyahanjelwa.

³⁰ Ngale eNcwadini yamaHeberu, ngiyakholwa, cishe isahluko 7, ekhuluma, uPawulu lapho, ababhali, ngikhulwa ukuthi kwakunguye, wayekhuluma nge—ngesehlakalo esikhulu esasenzeke kuAbrahama, ukuthi wakhokha izishumi kuMelikisedeki, ngenkathi ebuya ekubulaweni kwenkosi. Futhi manje washo, ukuthi, “ULevi wayesokhalweni luka-Abrahama, ngenkathi ehlangabezana noMelkisedeki, ebuya ekubulaweni kwamakhosi.” Wayese-ke ekubala lokho ku “Levi ekhokha izishumi, futhi, esesokhalweni luka-Abrahama,” ukhokhozela wakhe.

Futhi uhambela izono zabantu phezu kwabantwana babo—babo, esizukulwaneni ngesizukulwane, abangayikuligcina iZwi laKhe. Niyabo?

³¹ Nonke naplanwa ngaphambili nguNkulunkulu. Ayikho into eyenzeka ngeshansi, kuNkulunkulu. Wazi konke ngakho. Konke kuplanwe ngaphambili, kwaplanelwa kweziningi izizukulwane emuva, ukuze nina nibe lapha kulobubusuku. Benikwazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Cabangani nje, ukuthi, wena, ngesinye isikhathi... Ngizokuphinda lokhu futhi. Wena, ngesinye isikhathi, wawukuyihlo, embwaneni yokhalo lukayihlo. Manje, wayengkuzi wena ngalesosikhathi, kanjalo nawe wawungamazi ngalesosikhathi. Kodwa, uyabo, wase-ke ufakwa endaweni yokukhulela, esizalweni sikamama, ngomshado ongcewele. Bese-ke uba ngumuntu ovezwe emfanekisweni njengoyihlo, khona-ke kukhona inhlanganyelo.

³² Manje, indlela kuphela ongaba ngayo yindodana, indodakazi kaNkulunkulu, ngoba wafanele ube yi... ufanele ube nokuPhila okuPhakade. Futhi sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalokho ngukuPhila kukaNkulunkulu. Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, lowo kwakunguNkulunkulu. Lapho, ukuba yindodana kaNkulunkulu, wadingeka ube kuYe njalo. Imbewana yasokhalweni yokuPhila kwakho, ukuPhila kokomoya, kulobubusuku, yayikuNkulunkulu, uBaba, kungakabikho ngisho nemolikhuli umsuka wezinto. Niyabo? Futhi awulutho kodwa ungukubonakaliswa kwembewana esokhalweni yokuPhila eyayikuNkulunkulu, njengendodana kaNkulunkulu.

Manje uyavezwa, emva kokuba iZwi laKhe selize kuwe, ukuKhanyisa bha lonyaka. Uveza ukuPhila kukaNkulunkulu kuwe, ngoba uyindodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Ngakho-ke, niyakuthola engikuchazayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyabo? Use... Manje uyenziwa, uhlezi kulelibandla, kulobubusuku, ngoba umsebenzi wakho ngukuveza uNkulunkulu kulesisizwe nalababantu, nalomakhelwane lapho ozihlanganisa khona.

Noma ngabe ukuphi, uNkulunkulu wayazi ukuthi uyoba lapha, ngoba wafanele ube ngomunye wezimbewana zokhalo lwaKhe, noma izinxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Wafanele. Uma wake waba, uma unokuPhila okuPhakade, khona-ke KwakungukuPhila okuPhakade njalo. Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba kubekhona isisekelo, izwe, wazi ukuthi uyoba lapha. Futhi nxa iZwi, noma amanzi, “isigezo samanzi eZwi” ehlela phezu kwakho—kwakho, kwavezwa emntwini. Manje usunenhlanganyelo noYihlo, uNkulunkulu, njengoba nje unayo noyihlo wasemhlabeni. Niyabo? Niyizakhamizi zeNkosi. Hhayi izakhamizi, kodwa ningabantwana, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu ophilayo, uma kungukuthi ukuPhila okuPhakade kuhlala kini.

Manje, bese-ke, uma Kwakukhona, uJesu wayengukugcwala kukaNkulunkulu kubonakaliswa. Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Ngakho-ke, ngenkathi Efika emhlabeni futhi wabonakaliswa enyameni, nanilapha kuYe ngaleyonkathi, ngoba WayeyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi; uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” ULizwi waba yinyama. Ngakho-ke, nahamba naYe, ngenkathi nikuYe, ngenkathi Esemhlabeni. Nahlupheka naYe, futhi nafa naYe. Nembelwa naYe. Futhi manje nivuke naYe, futhi niyizinxenye ezingehlukaniseki ezibonakalisiwe zikaNkulunkulu, nihlezi ezindaweni zaseZulwini; senivele nivukile, navukela ekuPhileni okusha, futhi nihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. O, lokho kusho lukhulu, ezinsukwini zamanje, Bandla! Lokho kusho lukhulu kithi, ukuzibona sibekwe endaweni okuyiyonayona kuJesu Kristu!

³³ Manje, uma siyilezozinxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu, ngeke saphila ngezivumokholo. Ngeke saphila ngobuhlelo. Sifanele siphile ngeZwi, ngoba uMlobokazi uyinxenye yoMyeni, njenganoma yimuphi umfazi uyinxenye yomyeni wakhe. Ngakho-ke, sifanele sibe yileloZwi Mlobokazi. Futhi yini leloZwi Mlobokazi na? Ukubonakaliswa kwalelihora, uMlobokazi, hhayi isivumokholo noma ihlelo; kodwa impendulo yezithixo eziphilayo zikaNkulunkulu, inxenye engehlukaniseki ephilayo kaNkulunkulu, iveza obala ezweni izinxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu, ekubumbekeni koMlobokazi ozovezwa kulelihora esiphila kulo manje.

³⁴ UMartin Luther wayengenakuziveza izinxenye ezingahlukaniseki esizivezayo, ngenxa yokuthi lokho kwakusekuqaleni, ukuvuka, njengohlamvu lukakolo olwanga emhlabathini.

³⁵ Manje, siyakucaphuna lokhu futhi. Mhlawumbe nayifunda leyoncwadi, leloJalimane lihlekisa ngami, futhi lathi ngangi wuhlanya lwazo zonke izinhlanga. Lali—lalimelene ngokoqobo nazo zonke into ethiwa nguNkulunkulu, futhi

laze lahlekisa ngisho nangoNkulunkulu. Lathi, “UNkulunkulu owakwazi ukuvula uLwandle oluBomvu futhi,” lathi, “akhiphe abantu baKhe; futhi wahlala ephice izandla zaKhe esiswini saKhe, futhi wadedela (ngezikhathi zobumnyama) bonke labobantu bafe futhi bahlupheke, labobantwana abancane badliwe amabhubesi.”

³⁶ Niyabo, lonke—lonke uhlelo, lonke iBandla, lakhelwe phezu kwesambulo sobuNkulunkulu. UJesu washo, kuMathewu oNgcwele, isahluko 16, “Inyama negazi akukwembulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu.” Kwakuyini na? Isambulo sokuthi Wayengubani. “Futhi phezu kwaleliDwala, Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.” Niyabo?

Isambulo sikaJesu Kristu kulelihora; hhayi lokho Ayeyikho kwelinye ihora! Ayeyikho manje, iBhayibheli lizwakalisa. Kukhula kuMlobokazi, emumweni ogcwele. Ngakho-ke, uma uhlamvu lukakolo, lukaKristu, lwadingeka luwele emhlabathini, kanjalo noMlobokazi wadingeka awele emhlabathini, ngezikhathi zobumnyama. Noma yiluphi uhlamvu olungena emhlabathini lufanele lufe, kungenjalo ngeke lwaziveza, luphinde luziveze. NeBandla elikhulu Alisungula ngoSuku lwePentecoste, ngokuthunyelwa kukaMoya oNgcwele, ladingeka lihlushwe ngokufela ukholo futhi lingene othulini, emhlabeni esikhathini sobumnyama, ukuba lizale futhi onyakeni kaLuther, futhi liphumele emumweni ogcwele woMlobokazi kaJesu Kristu walolusuku lokugcina. Niyabo? Akukhondlela . . .

³⁷ Ngakho-ke, uMlobokazi, oHlwithweni, uyoqhamuka. Futhi nakho konke okuplanwe ngaphambili nguNkulunkulu, konke kwesekiwe. Kusukela ekuqaleni, Wayazi wonke umuntu, yonke indawo, ukuthi ubani oyohlala, konke ngakho. Konke kuplanwe ngaphambili. UNkulunkulu wayazi ukuthi kuyoba lapha. Futhi—futhi ngenkathi. . . Wakwenza ngaleyondlela, ukuze ukuthi uma sesifika lapho. . . Uye ukuyosilungisela indawo. Futhi uma sesifika lapho, kuyobe konke kulungiselwe njengoba nje ngisho lobu ubusuku bulungiselwe, njengoba lelihora lilungiselwe. Yebo. Ukwaziphambili kwaKhe okukhulu kuMtshela zonke lezizinto, ngokwaziphambili.

³⁸ Usezindaweni zonke ngoba Ungowazi konke; owazi konke ngoba Usezindaweni zonke. Ngakho-ke, ngokwaziphambili kwaKhe. . . Manje, Angebe nje njengomoya ovunguzayo phezu komhlaba, ngoba UnguMuntu. Akasiyo nje insumansumane. UnguMuntu. Uyahlala. Uhlala ngisho nasendlini. Uhlala endaweni ethiwa yiZulu. Futhi ngakho-ke, ngobukonke baKhe, engosezindaweni zonke; ngokuba ngowazi konke, azi izinto zonke, manje-ke Usezindaweni zonke ngoba Wazi izinto zonke.

³⁹ Wena, manje, wakhula ekuzalweni kwakho, ngenkathi uzalwa wase unikezelwa kulelizwe. UNkulunkulu wayazi ukuthi wawuzoba lapha kulomhlaba, futhi wakhula usuka ekuzalweni waya ekuvuthweni. Izinto ezazibonakala zixake kakhulu kuwe, ebufazaneni bakho bobusha, ubufana bobusha, njengabantwana, manje kubonakala kuyikho ngempela kakhulu. Wawungakuqondi ngenkathi usengumntwana. Kodwa manje, njengoba usuba ngomdala, uqala ukuqonda futhi uthola ukuthi yonke into yayihlelwe kahle nje. Futhi, wena, kusho okuthize ngempela kuwe manje.

⁴⁰ Kunjalo nasekuzalweni kwakho kokomoya. Wenza izinto ongaziqondi, uma useyingane encane, uza ealtare. Unikela impilo yakho kuKristu. Wenza izinto ezixakile nje. Uyamangala ukuthi kungani wakwenza. Kodwa emva kwesikhashana, uma usuvuthwa, njengamaKristu asevuthiwe, khona-ke niyakuqonda. Niyabo? Ikhona into ephakamisayo. Niyabona ukuthi kungani nakwenza. Ukuzalwa kwenu kokomoya! Ukuzalwa kwenu kwemvelo kufanekisa okwenu kokomoya.

Ukuthi kufanelana kanjani kini—kini, kulokhu ukuphila, lapho nikhula, yonke into ifanelana kahle, ngoba nenzelwa lokho. Kwakungesiyo yini into exakile, ngobusuku enabhadzela ngabo niyongena emishini, umhlangano wethende, noma indlu yokukhonzela encane ndawondawo ekhoneni, nento ethize umshumayeli ashumayela ngayo, indaba ethize, futhi nawela ngqo ealtare na? Niyabo? Niyabo? UNkulunkulu wayekwazi lokho, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? Kwa—kwabonakala kuxakile kini, ukuthi nina nakwenzelani ngaleyonkathi. Kodwa manje seniyaqonda; niyazi ukuthi kwenzekani. Kwenela kakhulu kini kulokhu ukuphila, kanti kuzoba njalo futhi ekuPhileni okuzayo. Lelizwe nokuphila kwalo kubonakala ku—kuqhubeka lapho nivuthwa. Yonke into ibonakala ihamba kahle nani.

⁴¹ Angikholelwa e...ukuthi umuntu kwenzeka nje waba lapha ngeshansi. Manje cabangani nje, ngenkathi nifika e—ezweni, yonke into yadingeka nilungiselwe yona ngaphambili, noma ilungiselwe ngaphambili, njalo, yenzelwa nina. Angiqondi ngempela ukuthi besingacabanga kanjani ukuthi uNkulunkulu owakwazi ukusilungisela zonke lezizinto ezinhle ubenge... besingeke sabeka ithemba kuYe. Ukuthi, uma Asiletha kulenxushunxushu esikuyo manje, futhi wasilungisela izinto ezinhle lapha, singaMethemba kakhulu kangakanani ukuba alungisele izinto ezayo, niyabo, izinto zaPhakade! Kubonakala sengathi, ngiyasho, kuyisimanga kakhulu.

⁴² Futhi a—angikholwa ukuthi iZulu liyindawo umama ayevamise ukungitshela ngayo. Ngikholwa ukuthi iBandla selikhulile kulokho. Ukucabanga, kwakuvamise ukuba njalo, eminyakeni eyikhulu eyadlula, noma amabili, ngicabanga ukuthi izingwazi ezindala zazivamise ukucabanga ukuthi wonke

umuntu owayefa wayeya eZulwini futhi abe nehabhu, bese—bese ehlala phezulu lapho emafwini bese—bese eshaya ihabhu. Manje, babazi ukuthi kwakukhona indawo ebizwa ngeZulu. Kodwa, bona, uma lokho kunjalo, bonke abashayi bezinsimbi bebezoba nakho kithi, niyabo. Kodwa thina...Kodwa a—akusilona lolohlobo lwendawo. Akusikho ukushaya amahabhu, nhlobo. Ngiyakholwa, angikhohla ukuthi iBhayibheli lifundisa lokho. Kodwa lowo kwakungumcabango ababenawo ngaphambi kokuba ukugcwala kweZwi kube khona, noma ukuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa, esithenjiswa khona kulonyaka, ukuthi sesiyaqonda-ke.

Ngikhohla ukuthi iZulu yindawo yangempela, ifana nje njengoba lena kuyindawo yangempela, niyabo, ngokuba uNkulunkulu wasiqala ekukhuleni kwethu kukamoya kulendawo. Futhi ngikhohla ukuthi iZulu yindawo eyiyo ngempela nje njengalena, lapho esingahlali phezulu lapho iPhakade futhi nje sihlale lapho efwini. Asiligubhuzi nje ihabhu lethu, kukho konke—konke lapha, njalonjalo. Kodwa siya endaweni yangempela lapho esizokwenza khona izinto, lapho esizophila khona. Sizosebenza. Sizokujabulela. Sizophila. Siya ekuPhileni, ekuPhileni okuPhakade kwangempela. Siya eZulwini, iparadisi. NjengoAdamu noEva nje basebenza, futhi baphila, futhi bayadla, futhi bakujabulela, ensimini yase-Edene ngaphambi kokuba isono singene, sisindleleni yethu sibheke emuva ngqo lapho futhi, ngqo, emuva ngqo. UAdamu wokuqala, ngesono, usikhiphile. UAdamu wesiBili, ngokulunga, usibuyisela phakathi futhi; uyasilungisisa futhi usibuyisela phakathi.

⁴³ Nina bantu enithatha amateyipu manje, umlayezo wokulungisiswa, ngifuna niwuthathe. Futhi nithathe amateyipu, ngifuna nikuthole lokho. Ngakhuluma ngakho, lapha esikhathini esingaside esedlule.

⁴⁴ Buka ukuthi ukanjani umzali wakho wasemhlabeni, ngaphambi kokuba ufike lapha, ngaphambi kokuba bazi ukuthi wawuzofika, wakulungisela ukufika kwakho. Cabanga nje ngalokho manje, abazali bakho basemhlabeni. Okungukuthi, umzali wasemhlabeni ungumfanekiso kuphela woMzali wasezulwini. “Uma sazi ukuthi sibapha kanjani iziphos ezinhle abantwana bethu, wazi kakhulu kangakanani-ke uBaba wethu waseZulwini ukupha abantwana baKhe iziphos ezinhle.” UJesu wakhuluma lamaZwi. Niyabo?

Bayakulungisela ukufika kwakho. Benza umbhejana, noma babe namancane, amabhuzu athize amancane, nezingubo ezincane, kanjalonjalo. Balungisela, yonke into ukuba wena ufike, balungisela ngaphambi kokuba ngisho uze ufike emhlabeni.

⁴⁵ UJesu uye ukuyolungisela ukufika kwethu lapho. Manje qaphelani. “EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi.” Noma, asi. . .

Angiqondile ukwenezelela eZwini, noma ngisuse kuLo, ngoba asifanele senze lokho. IZambulo 22 zathi, “Oyonezela izwi elilodwa, noma asuse iZwi kuLo.” Kodwa nje ake ngenze lokhu, kungenjengaso isenezelo, kodwa nje uku—ukuveza iphuzu.

“EKhaya likaBaba waMi kunezinhlolo eziningi zezindlu.” Angikholwa ukuthi uma sifika eZulwini ukuthi siyoba, nje wonke umuntu ubukeka efana nje ncamashi. Angikholwa ukuthi—ukuthi bonke bayoba nebala elikhanyayo, noma abanezinwele ezinsundu, noma—noma abancane, noma—noma babebakhulu bonke, noma—noma babe yiziqhwaga bonke.

Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wezinhlolonhlobo. Izwe liyakufakazisa lokho. Unezintaba ezinkulu nezintaba ezincane. Unamathafa. Unezingwadule. Unezinto ezehlukene, ngoba Wakwenza ngendlela Ayekufuna ngayo. Futhi Wenza izinkathi zonyaka; ihlobo, ubusika, intwasahlobo, intwasabusika. Wenza izinkathi zonyaka. Kukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu wezinhlolonhlobo. Wanenza ngezinhlolonhlobo. Amanye amadoda azikhukhumeza ngempela; namanye angazidlayo ngempela; namanye akahle; nganye anomusa. Futhi nithola nje zonke izinhlobo ezahlukene zabantu, naseMbusweni waKhe. Niyabo?

⁴⁶ Bukani uPetru oNgcwele, futhi nimehlulele ngoAndreya. Niyabo? NoAndreya uyileloqhawe lomkhuleko, nje wayehlala emadolweni akhe ngaso sonke isikhathi. Nomphestoli uPetru wayengomunye walezozikhuni zomlilo esasishumayela, ka—kanjalokanjalo. NoPawulu wayesengathi uthe ukuba yisifundiswa kakhulu, kakhulu we. . .njengomprofethi, noma enye into, futhi eqhiyama.

⁴⁷ Futhi, niyabo, uMose waloba iziNcwadi zokuqala ezine zeLidala. Okungukuthi, waloba iTestamente eLidala. Konke okunye kwalo kwakuyimithetho, namakhosi, namahubo, kanjalonjalo, nalokho omunye akuloba ngabaprofethi. Kodwa uMose waloba imithetho, iziNcwadi zokuqala ezine zeBhayibheli; uGenesisi, uEksodusi, uLevitikusi, noDuteronomi.

⁴⁸ Kwase kuthi-ke uPawulu waloba iTestamente eLisha. Lokho kuqinisile. UMathewu, uMarku, uLuka noJohane baloba izenzo zalokho okwenzekile, kanjalonjalo. Kodwa uPawulu wehlukhanisa umthetho nomusa, wayesekufaka endaweni yakho. Niyabo? Wayengumlobi weTestamente eLisha. Wasinika imibhalo yeTestamente eLisha, ehlela kahle iZwi likaNkulunkulu.

Manje qaphelani, *eziningi*, “izindlu eziningi,” izinhlobo eziningi zezindlu.

⁴⁹ Njenge, ziningi izinhlobo zamagquma; njenge, ziningi izinhlobo zemifula, ziphethu, amachibikazi. Kwakulapha ngenkathi nina nifika lapha, kuqala, ngenxa yokuthi umusa kaBaba wenu oseZulwini wazibeka lapha. Ngoba, amanye amadoda ithanda izintaba. Abanye abantu uthanda amanzi. Abanye uthanda izingwadule. Ngakho, niyabo, ukufika kwenu, Wayeyazi imvelo yenu nokuthi niyoba yini, ngakho Wakwenza nje ngendlela enaningakujabulela ngayo. O! Ngicabanga ukuthi lowo nguBaba omangalisayo, niyabo, ukwazi ukuthi Wakwenza kanje.

Ngiyajabula ukuthi Wenza izintaba. Ngi—ngiyazithanda izintaba. Ngi.. Futhi ngi—ngiyakuthanda lokho. Lapho, abanye, “O, ngeke ngama...O, Ufanele ukuthi wathulula ibhokisi laKhe likakhonkolo lapho.” Awu, Walithulula ukuze ngikujabulele. Niyabo? Ngakho-ke uthi, “Ngithanda amathafa, lapho engingabona khona kude.” Awu, izimvelo ezimbili ezehlukene, sobabili singamaKristu.

Kodwa uBaba wayazi ukuthi niyoba lapha, futhi wanilungisela yonke into ngaphambi kokuba nifike lapha. Amen. Ukufika kwenu kokuqala, lapha, Wayenakho sekunilungele ngenkathi senifike lapha. Lokho akumangalisi na ukucabanga ukuthi Wenzeni na?

⁵⁰ Manje, manje, kodwa khumbulani, lezi ziyiziphos zesikhashana kuphela, emfanekisweni. “Manje, siyazi ukuthi uMose, ekwakheni itabernakele ehlane, noma elilungisa, wathi wenza zonke izinto ngokohlelo lwalokho akubona eZulwini.” Niyabo? Ngakho, izinto zasemhlabeni ziveza kuphela lokho izinto zaPhakade eziyizo. Futhi uma lomhlaba esiphila kuwo namhlanje, umkhulu kangaka, njengoba siwuthanda; futhi sithanda ukuphila, futhi siphefumule umoya, futhi sibone amaflawa nezinto; uma—uma lokho, uma lokhu lapha kungukuveza, lelo elifayo liveza lelo eliPhakade. Uma nibona isihlahla sizabalaza, sidonsa, sizama ukuphila, lokho kusho ukuthi kukhona isihlahla ndawondawo esingadingi ukuba senze lokho.

Uma ubona umuntu lapha, ezabalazela ukuphila, umuntu mumbé esibhedlela, noma esembhedeni wokugula, noma esengozini, ezabalaza, nokukhohlozela kokufa kusemphinjeni wabo, futhi bedonsa, futhi bekhala, futhi bempongolozela ukuphila, kusho ukuthini lokho na? Kukhona indawo, ndawondawo, kukhona umzimba ongazabalazi futhi umpongolozele lokho. Niyabo? Nje awukwenzi.

⁵¹ Manje, ziyiziphos zesikhashana kithi, lezizinto, ziveza kuphela ukuthi ukhona Olapho OngoPhakade khona. Yilokho uJesu ahambele ukuyokulungisela, Lowo oPhakade wethu. Manje, kuphela ziveza ukuthi kukhona olukhulu kakhulu lohlobo olufanayo, ngoba lezi ziwuhlobo olufanayo.

⁵² Manje, khumbulani, iBhayibheli lathi, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lokuhlala kwethu, uma libhubha, libhidlizwa, sinalo eselivele lilindile.”

Njengengane encane nje, imisipha yayo emincane, kumama, iyatshikiza futhi iyaphenduka. Futhi, kodwa nje... Niyabo? Futhi niyaqaphela, ungathatha owesifazane, uma onakele kakhulu impela; kodwa uma eseba ngumama, isikhashana ngaphambi kokuba leyongane izalwe, kukhona umusa ngowesifazane. Yiya ngakuye, njalo kukhona into ethize, uthambe kakhulu. Ngani na? Kukhona umoya wengelosi omncane ulungele ukwemukela lowomzimba wemvelo. Masinya nje lapho izalwa, ukuphefumula kokuphila kungena kuwo. NoNkulunkulu uwuphefumulela phakathi lapho, futhi uba ngumphefumulo ophilayo. Manje, ithi nje lengane ingazalwa, khona-ke umzimba kamoya ulapho ukuwemukela.

Futhi manje, uma lomzimba uqathaka lapha, kulomhlaba, njengengane iqathaka, kanjalo futhi kukhona umzimba ongafiyo olindele ukwemukela umoya ubuye uyongena kuwo uqobo futhi. O, into enkulu kangaka pho! Manje si—sikuKristu Jesu, (amen), izingane, izingane kuKristu, abantwana bakaNkulunkulu, silindele ukukhululwa okugcwele, ekuFikeni kweNkosi yethu uJesu, u... ukusemukela senyukele kuYe, uma umzimba, lo ofayo, uyothatha ongafiyo.

⁵³ Ukufana, zonke izinto Azenzayo, kuveza izinto ezizayo. Uthi nje umzimba ungakunika lapha, lapho nje lomzimba, Wakunika ukuba uphile kuwo, kuveza kuphela ukuthi ukhona omkhulu kakhulu, nokho, ozayo. Niyabo? “Uma sithwala, noma sithwale umfanekiso wowasemhlabeni, kanjalo siyothwala umfanekiso wowaseZulwini,” ongaphathi bubi kulona ozayo. Manje, lona uphatha ububi, ukugula, ukufa, usizi. Ngisanda kuveza nje lapha, esikhathini esingeside esedlule, ngishumayela ngokuthi *INguquko YeZwi LikaNkulunkulu*, kokuthi u—ukanjani lomzimba, unobubi kuwo.

⁵⁴ Nayo yonke lempucuko yesimodeni esiphila kuyo ingekaDeveli. Anikukholwa lokho na? IBhayibheli lithi iyiyo; lelizwe, wonke uhulumeni. Asifuni ukukukholwa lokho. Kodwa iBhayibheli likubeka ngokucacile, ukuthi wonke uhulumeni, wonke umbuso womhlaba, uphethwe nguDeveli futhi ubuswa nguDeveli. UJesu wathathwa nguSathane, phezulu, futhi waMkhombisa yonke imibuso yezwe owawukhona, owawuyobakhona, nokunye. NoSathane wayithatha ngokuthi ingeyakhe, yakhe, noJesu akazange aphikisane naye, ngoba ungunkulunkulu walelizwe. Niyabo? Futhi wathi, “NgizoKunika yona uma Uzoziwisa phansi futhi ukhuleke kimi.” Niyabo? Wayezama ukuyinikela kuJesu, ngaphandle komhlatshelo. Niyabo? Kwakungumtithizo ayezoMenzela wona.

Kodwa izwe lalonile. Ngakho, inhlawulo yesono kwakungukufa, futhi Wayefanele afe. Yingakho uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, ukuze Athathe ukufa kube kuYe, ukukhokha inhlawulo. Ayikho into ezobuya. Ayishayiwe uphawu. Ngokoqobo, ikhokhelwe ngesihle. Sonke isikweletu sikhokhiwe. LingelaKhe manje. Futhi siyizithunywa zoMbuso waKhe, sibuthene lapha ndawonye kulobubusuku, eGameni likaJesu Kristu iNkosi yethu, sihlezi ezindaweni zaseZulwini.

⁵⁵ Manje, kulelizwe esiphila kulo, lemfundo. Ngifuna ukukufakazisa kini. Imfundo, isayense, impucuko, nazo zonke lezizinto esibonakala sizijabulela kakhulu namhlanje, zingezikaSathane, futhi ziyobhubha. Wena uthi, “Mfowethu Branham, impucuko?” Yebo, mnumzane. Lempucuko ifika ngoSathane. UGenesisi 4 uyakufakazela. Indodana kaKayini, niyabo, yaqala lempucuko, yakha amadolobha, namaogani, kanjalonjalo. Nempucuko yafika ngokwazi. Ukwazi yilokho uDeveli akuthengisela uEva, ensimini yase-Edene, eyambangela ukuba acindezeleke, ege umyalo kaNkulunkulu.

Ngakho kuyobakhona impucuko ezweni esiya kulo, kodwa ingeke ibe yiloluhlobo lwempucuko, ngokuba kulempucuko sinokugula, usizi, inkanuko, ukufa, yonke into kulempucuko, ayilungile. Kodwa kuleyompucuko akuyikubakho nokukodwa kwalezizinto. Asiyikuyidinga isayense.

Isayense iyimpendukezelo yokwasekuqaleni, empeleni. Niyabo? Nihlakaza umsuka wezinto imolekhuli, ukuhlakaza ama-athomu futhi nenze *ukuthi-no-kuthi*, ukuba niziqhumise. Nithatha umsizi wesibhamu, niqhumise *lokhu*, ukuba nibulale into ethize. Nithatha imoto. Futhi nikiphe upetroli emhlabathini, nezinto zokusebenza nizikiphe emhlabathini, ukuba nidedele amafayibha, ukuze kuniqhumise. Bese nehla ngomgwaqo ngamamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, bese nibulala umuntu. Niyabo? O, ninovalo kakhulu, nimpintshe, futhi nisheshise; sifanele sifuqe, futhi sithathe. O! Niyabo? Konke kungokukaDeveli.

UMbuso kaNkulunkulu awuyikuba nazo izimoto, amabhanoyi, kumbe noma yiyiphi yezimpumelelo zesayense. Qhabo. Awuyikubanamfundo, nhlobo. Kuyoba yimfundo ephakeme kakhulu impela kule, ukuthi lena ngeke ngisho ize icatshangwe. Niyabo? Imfundo, impucuko, nakho konke lokhu, kuvela kuSathane.

Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, ufundelani, pho?”

⁵⁶ Niyabo, kufana nokuthi nje, ngizigqokelani izingubo manje na? Empucukweni eyayizofika, leyo eyayisekuqaleni, babengadingi-zingubo. Babembozwe ngeveyili. Babengenasizathu sokugqoka izingubo, ngoba babengazi ukuthi babehamba-ze. Manje ni... Manje nithola, ukuthi, phakathi manje, manje-ke, ukuthi siyazi ukuthi si—si—

si—sihamba-ze, isono sihlala lapha, manje-ke sifanele sigqoke izingubo. Kodwa kwakungenjalo ekuqaleni; kwakungekho-sono. Niyabo?

⁵⁷ Manje, into efanayo isendleleni yempucuko, ngakho konke. Siyafunda. Siyabhala. Senza lokhu. Kodwa ningalokothi nilandele kulokho. Ningalokothi nikwenze lokho kube ngukulunkulu wenu, ngokuba lokho ngukulunkulu wobukhomanisi. Niyabo? Akusikho okukaJesu Kristu.

⁵⁸ UJesu Kristu ungokukholwa; hhayi lokho ongakufakazisa ngokwesayense, kodwa lokho okukholwayo. Ngeke nganifakazisa ngokwesayense kini, kulobubusuku, kulendlu, ukuthi kukhona uNkulunkulu, kodwa nokho ngiyazi ukuthi Ulapha. Kodwa, ngokukholwa kwami, kuyakuqinisekisa.

UAbrahama wayengenakufakazisa ngokwesayense kini ukuthi wayezoba nengane kulowo wesifazane, futhi yena esondele eminyakeni eyikhulu ubudala. Kodwa ukukholwa kwakhe kwakuqinisa. Niyabo? Akadinganga sifakaziso sesayense. Ngani, i... Ngani, udokotela wayezothi, “Ikhehla liyahlanya, phandle lapha lithi lizoba ne—nengane ngalowo wesifazane; lona lineminyaka eyikhulu ubudala, naye enamashumi ayisishiyagalolunye.” Kodwa, niyabo, uNkulunkulu washo njalo, ngakho akuthathi isayense. Kuthatha ukukholwa, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, hhayi isayense.

⁵⁹ Ngakho, izikole zethu nezinto zingukuqhuma. Njengoba, uNkulunkulu akazange athi, “Hambani nenze izikole,” noma ngisho, “nibe nezikole zeBhayibheli.” Niyakwazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wathi, “Nishumayele iZwi.” Kunjalo impela. Izinqubo zethu zezemfundo zisithatha zisiqhelise kude noNkulunkulu kunanoma yini into engazi ngayo, kunjalo, siqhele kude noNkulunkulu. Akusikho ukwakha izikole, izibhedlela, kanjalonjalo; lokho kwakungokwezwe nokwaleloqembu. Kodwa, angimelene ngalutho nabo; babamba iqhaza labo, kodwa lokho kusalokhu kunesikho lokho.

Sakha isibhedlela, kahle kakhulu, futhi sisebenze ngomuthi odlula yonke esinayo, nezinkulungwane zifa nsuku zonke kuso. Kodwa, o, he, eMbusweni kaNkulunkulu, akukho-kufa, akukho-sizi. Amen. Akukho sidingo salezizinto zezwe. Kodwa sedlulile kulento, sangena emaqinisweni kaNkulunkulu; lapho esizabalaza khona kanzima kakhulu ukuzama ukuthola, ngesayense. Futhi uma sithola ukuba ngabesayense kakhulu, siletha okuningi ukufa kithi uqobo. Silwa impi yokwehlulwa lapho, ngakho zikhulule kuyo. Futhi ngokukholwa, asikholwe uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, kulobubusuku, futhi siMemukele. NguYe.

⁶⁰ Inilungiselela ini isayense na? Okuningi ukufa. Kunjalo. Iziputniki imishini ethwebula emkhathini nayo yonke into yenyuka, zonke lezizinto, ukusabalalisa ukufa nayo yonke into

emhlabeni wonke. Ningakubuki lokho. Phendukisa ikhanda lakho liphakame kakhulu kunalokho, ngaseZulwini. Buka lapho uJesu ehlezi khona, “Ngakwesokunene sikaNkulunkulu,” kulobubusuku, “ephilela njalo ukwenza izinxuselo ekuvumeni kwethu.” Kwani na? Siyalikholwa iZwi laKhe ukuthi liyiQiniso.

⁶¹ Manje, siyathola, lokhu ukuphila kuphethe zonke izinhlobo zobubi, ngakho ngakho-ke ukuphila okuzayo ngeke kube nakho. Lokhu kunenkanuko, nokugula, ukufa. Ngoba, kuyini na? Akusiyo indlu Aye ukuyoyilungisela. Lena yindlu yabaguliswa yizinhlobo. Bangaki abaziyo ukuthi yini indlu yabaguliswa yizinhlobo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Awu, yilapho ophila khona. Indlu yabaguliswa yizinhlobo yilapho ababeka khona bonke abantu abanezifo. Awu, lokho yilokho nje isono esikwenze kithi, sisifaka endlini yabaguliswa yizinhlobo yasemhlabeni. Nani... Babengavumeli noma yimuphi omunye umuntu angene endlini yabaguliswa yizinhlobo, ngoba kukhona zonke izinhlobo zamagciwane ahamb’endiza phakathi lapho, na—nabantu bayothatha lamagciwane futhi—futhi bagule, bona uqobo. Nesono sasifaka endlini yabaguliswa yizinhlobo kaDeveli.

⁶² O, kodwa enye ibizwa nge, “Khaya likaBaba waMi.” “Ngihamba ukunilungisela indawo. Nginikhiphe kulendlu yabaguliswa yizinhlobo futhi nginikhulule ningene eKhaya likaBaba waMi.” Amen. Nakho lapho okhona; nginikhiphe kulendlu yabaguliswa yizinhlobo endala yasemhlabeni. Uye ukuyolungisela indawo, indawo ephelele lapho okungekho-bubi obukhona, okungekho-kugula okukhona, okungekho-kuguga okukhona, okungekho kufa okukhona.

Kuyindawo ephelele ikubizela kulokho kuphelele, futhi ufanele uphelele ukuze ungene lapho. IBhayibheli lasho njalo. UJesu wathi, “Ngakho-ke manibe-ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo waseZulwini ephelele.” NguMbuso ophelele, ngakho kufanele kube ngabantu abaphelele abezayo. Ngoba, nifanele nime futhi nishade neNdodana kaNkulunkulu ephelele, futhi nifanele nibe nguMlobokazi ophelele. Ngakho ningakwenza kanjani nganoma yiyiphi enye into ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu eliphelele, okungukuthi, “AManzi okwehlukhanisa, asigeza ezonweni?” Amen. Kunjalo. IGazi likaJesu Kristu, cabangani ngaLo, elivuzayo, iZwi elineGazi. Amen. IGazi, i—iZwi likaNkulunkulu lopho iGazi, ukugeza uMlobokazi phakathi. Amen. Yebo, mnumzane. Limi liphelele, intombi, engaxutshwe nalutho. Alikaze lone, endaweni yokuqala. Amen. Labhabheka kukho. Niyabo?

Nanto iKhaya likaBaba Aye ukulilungisela.

⁶³ Leli lifika ngocansi, nasekuweni, futhi lifanele liwe nokuwa. Akunandaba ukuthi uyiphesha kangakanani into endala, lizowa, noma kanjani. Liphelile, ngoba lilahliwe, ngoba uNkulunkulu

washo njalo. Liphelile. UNkulunkulu uzolibhubhisa. Washo njalo. Kuzobakhona ukulungiswa kabusha kwayo yonke into. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Ekuqaleni, ngenkathi izwe lalibe nokuzalwa kwalo, ngenkathi uNkulunkulu edonsela amanzi emuva, kuqala, esuka emhlabeni, njengoba Enza emanzini esizalweni sikamama, kwakukhona izwe elizalwayo. Yebo. Nabantu baqala ukuhlala kuwo ngenkathi uNkulunkulu ebabeka lapho. Base-ke beqala ukona. Futhi wabhaphathizwa, ngokucwiliswa, ngezinsuku zikaNowa. Wase-ke ungeweliswa yiGazi loMdali liconsela phezu kwawo.

Futhi manje yileyondlela enifika ngayo, ngokulungisiswa, ukukholwa uNkulunkulu. Nabhaphathizelwa ekuphendukeni, noma, futhi, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Nazivuma izono zenu phambi kukaNkulunkulu, futhi Wanithethelela ngaso. Futhi wabhaphathizwa, ukukhombisa ukuthi wawukade, wawukade usuthethelelwe; uvuma kubantu, futhi ukhombisa ezweni, ukuthi uyakholwa ukuthi uJesu Kristu wakufela. Futhi u. . . Wathatha indawo yakho, futhi wena uma endaweni yaKhe. Uba nguwe, ukuze wena ube nguYe.

Kwase kuthi-ke amandla kaNkulunkulu angcwelisayo ahlanza yonke imikhuba yaphuma empilweni yakho. Wawuvamise ukubhema, ukuphuza, wenza izinto engalungile, ukhulumisa amanga, yonke into. Kwase kuthi-ke amandla angcwelisayo eGazi likaJesu Kristu angena empilweni yakho futhi asusa zonke izinto kuwe. Uma kwenzeka usho into engalungile, masinya thana, “Awume kancane. Ngixolele. Bengingaqondile ukukusho kanjalo.” Niyabo? UDeveli unonoxhaka ohlezi lapho. Kodwa unomusa wokubuya, uma ungumKristu wangempela, uthi, “Benginephutha.” Yebo. Ngakho, ngakho-ke, manje, i. . .

⁶⁴ Manje, into elandelayo oyemukelayo, kwaba ngumbhaphathizo kaMoya oNgwele noMlilo.

Manje, uNkulunkulu, uma lesisikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesedule, uNkulunkulu uzonika izwe umbhaphathizo womlilo. Uzoqhumisa yonke into. “Amazulu nomhlaba kuyosha.” UPetru washo njalo. Nento iyoba nombhaphathizo womlilo, ukulungiswa kabusha kwayo yonke into. Kuyobe-ke sekubakhona amazulu amasha nomhlaba omusha. Lokho kungukuthi, ngenkathi, lapho okuhlala khona okulungileyo.

Yilapho esikhona. Sesisuke ekubeni yizidalwa ezifayo, ekubeni yizidalwa zesikhathi, saya ekubeni yizidalwa zaPhakade. Ngenkathi iZwi likaNkulunkulu lokhela imiphefumulo yethu, futhi siba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nezinxenye ezingehlukaniseki, imbewana esokhalweni lukaNkulunkulu ikithi, ukuba sibe amadodana

namadodakazi kaBaba, uNkulunkulu eZulwini, simemeza, “Aba, Baba! Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, eKhaya likaBaba wami.”

⁶⁵ Manje, lelizwe elidala lifanele liwe, ngoba lifika ngocansi. Futhi lifika ngokungalaleli, ekuqaleni. Futhi sazalwa lapha ngocansi, ngokuwa, futhi lifanele libuyele emuva ngqo ngendlela efanayo, ekuweni. Kodwa lo Anilungiselela lona manje, angeke lawa, ngoba Ulenza kanjalo. “Ngiye. . .”

Ukuba-ke besidingeke nje ukuba sihlale kululuhlobo lomzimba na? Anijabuli yini ukuthi kukhona into enjengokufa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje akusiso isimanga lesona na? Kodwa manje, ake sithi, isibonelo nje. . .

Eminyakeni embalwa edlule, ngangingumfanyana, futhi manje sengiyindoda ephakathi nendima yempilo. Nginomngani ohlezi khona lapho, uMnu. Dauch, futhi uneminyaka engamashumi ayishigalalolunye-nantathu ubudala, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Mbukeni manje. Engamashumi amane noma eminye iminyaka engamashumi amane-nanhlanu, lowo bekuyoba yimina. Manje beka eminye iminyaka engamashumi amane kuye. Ubungayaphi na? Into kuphela. . .

⁶⁶ Ngiyajabula ukuthi kukhona into esikhipha kulendlu yabaguliswa yizinhlupho. Kukhona umnyango ovulekileyo, futhi ubizwa ngokufa. UJesu umi kulowomnyango. Amen. Uyongiqondisa ngaphesheya komfula. Uyongithatha angedlulise kulowomnyango. Kukhona umnyango omkhulu omi ngaleya, obizwa ngokufa. Futhi ngaso sonke isikhathi uma inhliziyo yakho ishaya, usondela ngokushaya okukodwa kuwo. Futhi ngoluny’usuku ngifanele ngifike kulowomnyango. Nifanele nifike lapho. Kodwa uma ngifika lapho, angifuni ukuba yigwala. Angifuni ukumpongoloza futhi ngihlehlele emuva. Ngifuna ukufika kulowomnyango, ngizisonge ngezingubo zokulunga kwaKhe (hhayi ezami), ezaKhe.

Ngalokhu ngiyazi, ukuthi, “NgiMazi emandleni okuvuka kwaKhe.” Ukuthi, uma Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafuleyo, ukuba ngibe naYe, ngiphume kulendlu yabaguliswa yizinhlupho. Noma yikuphi lapho lomzimba ongawela khona, futhi noma yikuphi la ungawela khona, futhi noma ungehlela kuphi, noma ngabe kuyini, ngiyophuma ngoluny’usuku, ngoba Wangethembisa Lona. Futhi siyakukholwa. Yebo, mnumzane. Wenza Lowo ongenakuwa.

⁶⁷ Qaphelani ukuthi ukanjani umama okhulelwe, emhlabeni namhlanje, ukuthi umzimba kamama uthandiswa kanjani izinto ezithize. Ngikhuluma, ngiqagele futhi ngiyethemba, kubo bonke abadala abazoqonda. Umama, ekuzalweni kwengane, uma kukhona into eshodayo emzimbeni wakhe, uqala ukuthandiswa into ethize. Bukani ukuthi ubaba ukanjani. . .

Ngiyakhumbula sakhuliswa, singumndeni ompofu kabi, futhi—futhi cishe impela sasingenalutho esizoyidla ngenkathi siseyizinganyana. Abaningi benu babehlupheka ngaleyonto efanayo.

Ngakho ukuthi kanjani ukuthi, ngenkathi, ngaphambi kokuba izingane zizalwe, umama wayethandiswa into ethize. Nobaba wayevele nje ancwebe amakhona, yonke into, ukuba amtholele yona. Niyabo? Nguye, umzimba, umzimba wakhe, ikalsiyamu isakhamathambo kanjalonjalo yomzimba wakhe, nezakhamzimba azidingayo. UJunie uyakhiwa, niyabo, futhi uthandiswa izinto, ukudla komntwana ozayo. Nokuthi kanjani, abazali, bazama ukukuthola ukuze ingane izozalwa ngakho konke ngokuphelele nokujabula okungenzeka. Niyabona ukuthi abazali benu bayokwenza kanjani? Uma kukhona into edingekayo, umama uyafakaza ngakho, niyabo, umgudu wakhe uyakhiwa. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho, ukuthi kubanjani uma kukhona into ethize edingekayo lapha, kumntwana ozayo, u—umama uqala ukuthandiswa lokho.

⁶⁸ Manje, yimani umzuzu nje. Kungani sinezimvuselelo na? Kungani sibuthane ndawonye na? Kungani ngihlala njalo ngisola abantu na? Kungani ngibiza nina besifazane bePentecostal, “Yekani ukufaka opende, ukuzipenda ubuso, nokuphungula izinwele zenu, nezinto ezinjalo”? Kungani ngisho lokho na? Ngoba, indlela eyifeshini endala yephentekoste yayingavamile ukwenza lokho. Indlela yangempela yeBhayibheli ayisiyo eyokuba kwenziwe lokho. Nigqoka lezizikhindi nezingubo ezingezabesilisa, niyazi yini ukuthi iBhayibheli lithi kuyiyisinengiso kuNkulunkulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kodwa siyakuvumela. Kungani uMoya oNgewele ulokhu umemeza kakhulu na? Uyazi ukuthi kukhona okushodayo lapho. Sifanele sibe semumweni ogcwele kaJesu Kristu. Sifanele sibe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Sifanele siziphathe njengabantwana bakaNkulunkulu.

⁶⁹ Kudala, kwaxoxwa indaba endala. Ngaqaphela omunye umfowethu oyikhaladi ehlezi ngemuva. ENingizimu, babevamise ukuthengisa izigqila. Futhi lokhu, ngenkathi benezigqila ezansi lapho, ngenkathi kusekhona izigqila, ngaphambi kwenkululeko, yesimemezelo. Futhi babehamba bayozithenga, labobantu, njengoba nje babengenza e—emotweni esisetshenziwe, umthengisi. Babenohlu lokuthengisa, futhi bethengisa lezozidalwa ezingabantu sengathi nje babe—babeyizimoto esesisetshenziwe. Unohlu lokuthengiswayo nabo.

⁷⁰ Ngesinye isikhathi umthengi uyafika, umthengeli oqashiwe. Futhi wayezo... Wayejikeleza lamaplazi amakhulu bese ethenga izigqila. Futhi ufika kwelikhulu iplazi elithize lapho ababenezigqila eziningi, futhi wayefuna ukubona ukuthi

babenezingaki. Futhi zonke zaziphandle lapho, zisebenza. Futhi za—zazidabukile. Zazikude nekhaya. ZazingezaseAfrika.

Babezilethe ngapha. AmaBhunu ayebalethe ngapha futhi abathengisa baba yizigqila, futhi ngakho zazidabuke kakhulu. Zazazi ukuthi ngeke ziphinde zibuyele ekhaya futhi. Zaziyohlala futhi zifele ezweni. Futhi babekade, izikhathi eziningi, babephatha iziswebhu futhi bazibhaxabule. Zaziyimpahla yomninizo, futhi wayenza ngazo lokho ayekufuna. Futhi nje zi...Uma esibulele, usibulele. Futhi uma yena, noma ngabe kwakuyini, wayekwenza nje. Lobo ngubugqila, njengoba uIsrayeli wayenjalo, ne—neziningi zezizwe zazilethe ebugqilini. Futhi babethatha lezozigqila ezimpofu. Zazikhonza nje. Zazikhala, niyazi, ngaso sonke isikhathi, futhi zidabukile.

⁷¹ Kodwa baqaphela esisodwa salezozigqila, umfo osemncane, wayeqhoshe ngesifuba, ikhanda lakhe libheke phezulu *kanjalo*. Babengasibhaxabuli neze. Babengasitsheli neze ukuthi asenzeni. Ngakho lowomthengeli oqashiwe wathi, “Ngifuna ukuthenga *lesosigqila*.”

Wathi, “Asithengisi.”

Wathi, “Ngithanda ukusithenga.”

Wathi, “Qhabo. Asithengisi.”

Wathi, “Ngabe singubasi wazo zonke na?”

Wathi, “Qhabo.” Wathi, “Asisuye ubasi. Siyisigqila.”

Wathi, “Awu, mhlawumbe usondla ngokwehlukile kunoma wondla zonke ezinye.”

Wathi, “Qhabo. Zonke zidla phandle lapho ekamelweni lokuphakela, ndawonye.”

Wathi, “Yini eyenza lowomfana ehluke kakhulu kangaka kunazo zonke ezinye na?”

Wathi, “Nansi into eyodwa. Ngake ngamangala isikhashana, nami. Kodwa lowomfana, owezizwe eAfrika, kodwa eAfrika uyise uyinkosi yesizwana. Futhi, nokho, ungowezizwe ekude nekhaya. Uziphathisa okwendodana yenkosi. Uyakwazi lokho, phesheya kwezwe, ukuthi uyise uyinkosi yesizwana. Futhi manje uyaziphatha, ngoba uyazi ukuthi uyindodana yenkosi.”

⁷² O, mfowethu, dadewethu, wena nami, kulelizwe esiphila kulo, asiziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Singabezizwe lapha, kodwa ukuziphatha kwethu kufanele kuhambisane nemiyalo kaNkulunkulu, ukuthi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ukuziphatha kwethu, sifanele sinyakaze futhi senze, nayo yonke into, ngokuhambisana nalokho imithetho uNkulunkulu ayendlalile.

“Futhi kuyisinengiso kowesifazane ukuba agqoke ingubo engeyowesilisa.” Kuyiphutha futhi kuyisono, “Ukuba yena

agunde izinwele zakhe,” iBhayibheli lasho njalo, “kuyinto engavamile kuye ukuba ngisho akhuleke.”

Wena uthi, “Uthini ngalokhu na?”

⁷³ Omunye wangithathelela; omkhulu, umfundisi owaziwayo, esikhathini esingaside esedlule. Wathi, “Mfowethu Branham, woza. Ngifuna ukubeka izandla phezu kwakho.” Wathi, “Uzoyona inkonzo yakho.”

Ngathi, “Ini?”

Wathi, “Umpongozelela labobantu kanjalo.”

Ngathi, “Ngisho i . . .”

Wathi, “Ngiyakukholwa lokho.” Wathi, “NgiyiPentecostal, nami. Ngiyakholwa ukuthi abesifazane abafanele ukuba nezinwele ezimfishane, abafanele bafake opende, nalezizinto ezinjalo indlela abenza ngayo, bapende ubuso babo.” Wathi, “Abafanele ukuba bakwenze lokho. Kodwa,” wathi, “UNkulunkulu wakubizela ukuba ukhulekele abagulayo.”

Ngathi, “Wangibizela ukuba ngishumayele iVangeli.” Ya.

Wayesethi, “Ngiyakholelwa kulokho. Kodwa,” wathi, “ucabanga lokho?”

Ngathi, “Ya. Buka ukuthi unani, zonke lezizinhlelo ezinkulu, amatelevishini, nakho konke okunye. Anginalutho kodwa uNkulunkulu ukuba ngiphendule kuye.” Kunjalo. Ngathi, “Anginalutho kodwa uNkulunkulu ukuba ngiphendule kuye.”

Wathi, “Ngi—ngi—ngi . . . Uzoyona inkonzo yakho.”

Ngathi, “Noma yiyiphi inkonzo iZwi likaNkulunkulu eliyoyona, ifanele yoniwe.” Kunjalo. Impela. Kunjalo impela.

Wathi, “Awu, uzoyona.”

⁷⁴ Ngathi, “Ubani ozoLikhuluma-ke na? Niyabo? Ukhona ozofanele aLisho. Ukhona ozofanele amele lokho okuyiQiniso, akunandaba ukuthi Lilimazani.” Futhi bangani, njengomKristu, njengabantu abakholwa ukuthi siya eZulwini, uMoya oNgcwele uqobo Lwawo uzosifanekisa eZwini likaNkulunkulu.

Wathi, “Uyazi ukuthi ubufanele wenzeni?” Wathi, “Abantu bakukholwa ukuthi ungumprofethi.” Wathi, “Ubufanele ngabe ubufundisa laba besifazane ukuthi zitholakala kanjani iziphiwo zesiprofetho nezinto ezinjalo, nezinkulu, izinto eziphakeme kakhulu esikhundleni sezinto ezincane.”

⁷⁵ Ngathi, “Ngizobafundisa kanjani ongwaqa uma bengeke bakwazi ngisho ukufunda oABC babo na? Uma bengeke bakwazi ngisho ukwenza into evamile, niyabo, into yemvelo, uzobatshela kanjani izinto eziphakeme?” Uma ungengeke wakwazi ngisho ukuqala e . . . Ufuna ukufinyelela phezulu eladini ngaphambi kokuthi ufike ekuqaleni. Yingalesosizathu uwa. Niyabo?

Kodwa fika phansi ekugcineni, bese ukhwela uye phezulu njengoba uNkulunkulu ekuholela phezulu. Niyabo? Bhekana nempilo yakho bese ulandela njalonjalo konke nokunci kweZwi uNkulunkulu alimisele wena ukuba ulenze.

⁷⁶ Manje cabangani ukuthi kanjani uNkulunkulu. . . Sifanele siziphathe futhi senze njengamaKristu. Ukuziphatha kwethu kufanele kube njengamaKristu. Ngoba, singabezizwe lapha. Leli akusilo ikhaya lethu. Qhabo. Sabekwa nje lapha, okwesikhashana. Sifanele sihambe, sonke, kulobubusuku.

⁷⁷ Manje cabangani. Uma uNkulunkulu, esihawini saKhe, unomama, ngaphambi kokuba ingane encane izalwe, ithandiswa izakhamzimba ezithize, namazwi kamama liyakhuluma, “Baba, ngi—ngi—ngifuna ikhabe le olintshi, noma ikhabe. Ngifuna into ethize, enye.” Kuphuma. . . Ngani, uyokwenza konke angakwenza, ukuba akuthole lokho, ngoba uyazi ukuthi ufuna umntanakhe azalwe ephelele nje ngakho konke. Niyabo? Futhi uyokwenza konke akwazi ukukwenza, ukuba akuthole.

⁷⁸ Ukwazi kakhulu kangakanani-ke Yena, ukukuthola! UnguMdali. Manje cabangani ukuthi Ukwazi kanjani, ukusilungisela umzimba, ukuba siphile njengomzimba waKhe uQobo onenkazimulo, uma sifuna ukuphila. Kukhona okuthize kithi, okubizayo, ukuba siphile. Futhi kukhona into ethize phakathi kithi ebiza ukuba senze okulungileyo. Khona-ke uNkulunkulu uzobiza omunye umuntu emsamo, noma ipulpiti, ozoshumayela iQiniso loqobo. Ngani na? Niyabo? Kuyakukhombisa. Manje-ke, uma ungumntwana kaNkulunkulu wangempela, uyaqala umemeza kakhulu, “Nkulunkulu, kususe kimi. Ngisoke kulokhu. Susa lezizinto kimi.” Ngani na? Kudingekela iKhaya lakho lasezulwini oya kulo, lapho Aye khona ukulungisela. Ufanele ube ngowangempela uMlobokazi oyiZwi kaKristu.

⁷⁹ Ngangishumayela ebusukwini obumbalwa obedlule ngomhlatshele, ngezinsuku zokubuyisana. Ngangishumayela ngendawo kuphela uNkulunkulu, iBandla kuphela uNkulunkulu ayohlangana nomuntu kulo, nalokho kuphakathi, Wathi, indawo Abeka kuyo iGama laKhe. Wathi, “Ngeke ngihlangane nabo kunoma yiyiphi enye indawo kodwa indawo, isango eNgifake kulo iGama laMi.” Manje, Akahlangani nawe esangweni eMethodisti, isango leBaptisti, noma isango lePentecostal, noma yiliphi lawo. Kodwa Wafaka iGama laKhe eNdodaneni yaKhe. Wathi, “Ngeza ngeGama likaBaba waMi.”

Noma yimuphi umuntu ozayo, nanoma yimuphi umntwana, uza ngegama likayise. U. . . Ngiza ngegama likaBranham, ngoba ubaba wami wayenguBranham. Nawe uza ngegama lakho ngoba lelo kwakuyigama likayihlo.

NoJesu, iNdodana, yeza ngeGama likaYise. Futhi Wathi Wabeka iGama lakhe, “Kulelisango eNgifaka iGama laMi

kulo, lowo kwakungumhlatshele.” Futhi kuJesu Kristu yiyona ndawo kuphela oyoke uthole inhlanganyelo nokukhonza kuNkulunkulu.

Wena uthi, “Awu, ngikhonza ebandleni.” Lokho akwenzi nokukodwa ukwehluka. Ufanele ube kuKristu.

Umfundisi othize wehlelo, ngobunye ubusuku, wathi kimi, wathi, “Mnu. Branham, buka lapha. UJesu wathi, ‘Okholwayo.’ IBhayibheli lathi, ‘Okholwayo ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, uzelwe nguMoya kaNkulunkulu.’”

⁸⁰ Ngathi, “Alisho yini iBhayibheli futhi, ukuthi, ‘Akekho ongathi uJesu unguKristu, kuphela ngaye uMoya oNgcwele?’” Niyabo? Ungeke wenza iBhayibheli liqambe amanga. Lifanele lihhukeke phakathi ngqo.

Ngakho ufanele uzalwe ngokusha ngempela, ngoMoya oNgcwele kuwe, ofakaza kuzwakale, wena uqobo, uyazi ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Bese kuthi-ke uma unjalo, nenxenye; uma ungunmtwana kaNkulunkulu, eZwini likaNkulunkulu; ungaliphika kanjani iZwi na? UMoya oNgcwele ungakwenza kanjani ukuba wena ukholwe yisivumokholo, ukuthi ufanele wenze into ethize *kanje*, libe iBhayibheli lisho enye into na? “Sifanele sijoyine ibandla, futhi senze *lokhu*, noma senze *lokho*,” libe iBhayibheli ngokucacile likutshela ukuthi yenzani na? Niyabo? Bese kuthi-ke uma ukubona Lokho, bese ugxumela kuLo ngqo, ukanye naLo ngqo ke. Qhubeka nje wenyuke ngqo, futhi nje ukhule.

Njenge—nge—ngembewana izongena esizalweni sowesifazane neqanda. Bese kuthi-ke uma leloqanda elincane liqala ukukhula, futhi liqala ukuveza izimbewana, alibeki imbewana eyodwa yomuntu, nembewana yenja, nembewana yenkomazi. Ibeka yonke imbewana yomuntu.

⁸¹ Futhi uma umntwana kaNkulunkulu, uma leyo emiselwe ngaphambili...Lelo yigama elibi ukulisebenzisa, kodwa nguNkulunkulu. Nanti iBhayibheli likaNkulunkulu. Ukwaziphambili kukaNkulunkulu kungamisela ngaphambili, kwenze yonke into isebenze odumweni lwaKhe. Uma leyombewu emiselwe ngaphambili, owawuzoba yiyo, noNkulunkulu wakubiza, nalokhozi oluncane lwenzalo phakathi lapho lwezwa iZwi likaNkulunkulu, liyokwakha phezulu, iZwi elilodwa phezu kwelinye, phezu kwelinye, phezu kwelinye. Ngeke Lixubane nanoma yisiphi isivumokholo.

⁸² Qaphelani. “Kulamasango, nsuku zonke, babefanele badle ucwecwana lwesinkwa olusha ikhoshu. Futhi kwakungekho-mvubelo efunyanwa phakathi kwabo, izinsuku eziyisikhombisa.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Iminyaka yebandla eyisikhombisa, ngaleyonkathi, kungekho okungenamvubelo, kungekho sivumokholo, kungekho-lutho olwenezelwayo. Kuzofanele kube yisinkwa esingenamvubelo

uqobo. “Akukho-mvubelo eyofunyanwa phakathi kwenu, nhlobo.” Nje okunemvubelo, iZwi uqobo lwaLo, yilokho kuphela. NaleloZwi nguNkulunkulu. NoNkulunkulu waba yinyama, kuMuntu kaJesu Kristu, okungukuthi, lelo yiSango. “Nanto iSango eNgihlangana nani kulo, ukukhonza, uma nilandela imiyalo kaNkulunkulu.”

⁸³ Ngakho-ke, uma ethe, kulobubusuku, uze nje, uthi, “Nginikela kuJesu Kristu ukuphila kwami,” futhi ungakaze uwemukele uMoya oNgcwele; ngena kuLo. Ufanele ukwenze. Ufanele ukhulele kuLo. Ucele uNkulunkulu anqwabele iZwi phezu kweZwi, kanjalo, uze ube ngumumo ogcwele wendodana kaNkulunkulu, noma indodakazi kaNkulunkulu.

Ukuthatha izinto zezwe na? UJohane wokuQala uthi, “Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, kungoba uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Nidukisiwe. Ninothando lwezwe lapho, futhi linidukisile, uDeveli unidukisile, ngokunqwabela izinto phezu kwalapho, futhi enikhombisa. Niyabo? Ningeke...Awu, manje-ke, ningeke nasusa nelilodwa iZwi likaNkulunkulu eBhayibheli.

Yini eyabangela isono sokuqala na? Hhayi nje ngamanga amakhulu asobala bha, kodwa ngoba uEva wahlanekezela, uDeveli wakwenza kuye, iZwi elilodwa. IZwi elilodwa, lagqabula iketango, futhi wala ukuthatha iZwi elilodwa. Lokho kwakungukuqala kweBhayibheli.

UJesu wafika kwimaphakathi neBhayibheli. Wathi, “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Lelo yilo lonke iZwi likaNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi *Leso* yisambulo saKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lonke iZwi likaNkulunkulu.

Bese-ke, eZambulweni 22, uJesu wafika kuJohane, esiqhingini sasePatmose. Futhi uJesu, “Mina Jesu ngithumile ingelosi yaMi ukufakaza ngalezizinto.” Niyabo? “Oyosusa iZwi elilodwa kuLeli, noma enezele izwi elilodwa kuLo, Ngiyosusa isabelo sakhe eNcwadini yokuPhila.”

⁸⁴ Akusikho nje ukuthi, “Awu, ngi—ngiyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.” Lokho kulungile. Bese wenezela konke okwaLo kukho. Wena uthi, “Ngilungisisiwe. Nginikela isandla sami kumfundisi. Ngiyakholwa kuJesu Kristu.” Khona-ke ufanele uzalwe ngokusha. Ufanele ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Niyabo? Yiba ulokhu wenezela nje, lapho uqhubeka nokuhamba. Ukhulela emumweni wendodana nendodakazi kaNkulunkulu. He!

UNkulunkulu, uyakwazi ukusilungisa, nokunikeza kithi lokho kuthandiswa empilweni yethu, ukuthi kukhona esifuna ukukubona. Bangaki phakathi lapha ofuna okuningi ngokwengeziwe kukaNkulunkulu na? [Ibandla

lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngani, kukhombisa ukuthi kuningi ngokwengeziwe okwenu. Niyabo? Niyakuthandiswa. Izinhlungu zenu ezincane zokuzala ziyeza. Niyabo? Nidinga okuningi ngokwengeziwe, ukuze sijabule, futhi sikhululeke, nokuphelele. Sifanele sibe njalo.

⁸⁵ Njenge—ngencane—imbewana encane yokuphila i... esifubeni sikaNkulunkulu, njengokuthi nje, nembewana yokuphila ise bo...esifubeni sikamama. UNkulunkulu uyakhula; futhi uyahamba, uhambile, ukuyosilungisela indawo, indawo yaPhakade naYe uqobo; hhayi indawo lapho okukhona khona indlu yabaguliswa yizinhlu pho, efayo, isono, ukuphinga, nokungcola kwezwe lapha. Uma ingqondo yakho ikulokho, ikhombisa ukuthi ayikaze ifike ixhumane noNkulunkulu. Niyabo? Usetshenziwe. Unenkohliso yengqondo.

Ujoyina ibandla nje futhi uthi, “Awu, ngikhonza *kuleli*. Umama wami wayekhonzisa kulelo.” Lokho kungahle ukuba kwakulungile ngosuku lukamama wakho, kodwa siphila kolunye usuku.

⁸⁶ Umlayezo kaWesley wawungeke neze...Wayengeke nje athathe uLuther. ULuther wayekhohlelwa ekulungisisweni, kodwa uWesley wayenokungcweliswa. AmaPentecostal ayafika, ayengenakukuthatha nje ukulungisiswa, ukungcweliswa. Wona, kwase kuyisikhathi sokubuyiselwa kweziphwiwo. Manje siyasuka kulokho. Niyabo?

Izigaba ezintathu zom—mVini ukhula. Esokuqala, yidlebe elincane, uLuther ekhuphuka, esuka enguqukweni. Kulungile. Lolo kwakuwuhlanga. Bhekisisani imvelo. UNkulunkulu nemvelo usebenza ngokuqhubekayo, ngoba uNkulunkulu usemvelweni. Niyabo? Esilandelayo esifikayo, intshakaza, impova, unyaka weMethodisti. Bese kufika iPentecostal, o, he, kuphelele kakhulu nje, niyabo, njengohlamvu lukakolo nje lubukeka sengathi lungukolo ophelele, uhlamvu lukakolo. Luvule, akukho-kolo lapho, nhlobo. Yikhoba, umthwali waLo, kodwa lokho kuPhila kusebenza kuyedlula. Niyabo?

⁸⁷ Bona emuva lapho onyakeni kaLuther bemukela uLuther. Lokho kuPhila kuyafika, kodwa kwahamba futhi kwahlelwa kwaphuma. Into yokuqala niyazi, nje kuphenduka okwehlelo okuphela kwalo kuzoshiswa. Niyabo? Uhlanga luyoma; lungumthwali nje. Abanye babo basazama ukuhlala kulowomthwali omdala owuhlanga, abazi lutho ngoNkulunkulu, bafile. Bathi, “Awu, buka, siyicembe. SasikuLuther.” Kunjalo. Kodwa bukani ukuthi usukuphi manje. Niyabo?

“SiyiMethodisti.”

Futhi ngisho nokuthi, “SasiyiPentecostal.” Kodwa bukani iPentekoste, ukuthi iya ngokubanda nokuba yiyo ngegama kanjani, ukuthi wonke umuntu udeda kanjani. Niyabo?

Kuyini na? Kwakungumthwali weMbewu yangempela. Niyabo? Zonke lezi ezinye kwakungumthwali, kodwa kwaba yihlelo. Uma uthi, “NgiyiPhentekoste.” Lokho akungaphezu kokusho kuNkulunkulu kunoma uma ubuthe ubuyiRoma eliKatholika noma iJuda, noma kumbe ubungaba yini.

⁸⁸ Ufanele uzalwe, lokho kuPhila okufika ngalowomthwali lapho. Ungahlali ohlangeni. Ungahlali embewini. Qhubeka ngqo uphumele enxenyeni ephelele.

⁸⁹ Manje, khumbulani, futhi yonke inguquko esibe nayo, phezu kwawo onke lawomaLuthela kanjalonjalo, eminyakeni emithathu ayahlela. Kunjalo. Yonke imvuselelo yaletsa inhlangano eminyakeni emithathu.

Cabangani ukuthi lokhu sekuqhubeka isikhathi esingakanani, iminyaka engamashumi amabili-mento, futhi akukho-nhlangano. Ngani na? YiMbewu, iza, ibumbeka phansi kwekhoba, elinjengalokhu. Yenekiwe, manje ifanele yenekwe eBukhoni beNdodana, ukuba ivuthwele ohlamvini olunenkazimulo njengaLolo olwangena kweyokuqala. IBandla langempela elashona phansi, kuqala, seliyabuya likhuphuka ngqo ngohlanga, ukuba liphume, elinye iBandla, uma okuhlanganisayo sekufikela ukuLicosha. UkuPhila okwashona phansi kuLuther, ukuPhila okwashona phansi kwiMethodisti, ukuPhila okwashona phansi kwiPentecostal, kuzofika kungene ohlamvini. Konke kuzohamba kuyongena ngqo ohlamvini, futhi kuphume, kubumba uMzimba kaJesu Kristu ophelele.

⁹⁰ Njengelanga nje liphuma, ekuseni. Ayikho imvelo ongeyibuke engafakazi ngoNkulunkulu. Awudingi ngisho iBhayibheli, ukwazi ukuthi kukhona uNkulunkulu. Ilanga elincane liyazalwa, ingane encane ebuthakathaka. Cishe ngelesikhombisa nqo, iyahamba, iqala ukuya esikoleni. Ngeleshumi noma eleshumi nanye nqo, isiphumile. Ngeleshumi nambili nqo, isisekuqineni kwayo. Ngelesithathu nqo ntambama, isigugile. Ngelesikhombisa noma elesishiyagalombili, elesithupha...Ngelesihlanu noma ngelesithupha nqo ntambama, isiqhothe amahlombe. Liyafa. Ngabe lokho ngukuphela kwalo na? Qhabo. Liyavuka futhi ekuseni okulandelayo. Ukuphila, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka!

⁹¹ Bukani iqabunga liza ezihlahleni. Liyakhuphuka, elihle, icembe elikahle; likhipha umthunzi; likhipha isithelo salo. Okulandelayo, into yokuqala niyazi, kufika intwasabusika, ilishaye, ukufa; ligijima lehle ngqo liyongena empandeni, lingene emhlabathini futhi. Ngabe lokho ngukuphela kwalo na? Ngentwasahlobo elandelayo libuya ngqo ukuba lifakaze. O! Lokho ngukuphila okungapheliyo.

Kodwa, mfowethu, dadewethu, sinokuPhila okuPhakade. SinokuPhila okuPhakade ngaLona omkhulu Owafika, osehambile, uyakwazi ukusilungisela umzimba.

Nalezizinhlungu ezikhulayo esizizwayo, njengani besifazane nizwa nilahliwe ngalokhu enikwenzayo, nina besilisa olenga ezimfundisweni zasekholiji, kanjalonjalo, nonke nifuna ukuthi, “Ngi—ngisisho ngekhanda lesisivumokholo. Ngenza *lokhu*.” Kodwa kukhona into ethize phansi impela kuwe, uma ubona amehlo ezimpumputhe evulwa; izithulu zi unders- . . . izimpumputhe. Zonke lezizinto ethenjisiweyo. Ubona iZwi lishunyayelwa ngamandla aLo. Ubona isifebe, sisuka emgwaqeni, senziwa sibe yinenekazi. Ubona i—ubona isidakwa siphuma lapho, futhi sibe ngowangempela ongcwele kaNkulunkulu. He! Niyabo? Kukhona okuthize, ukuPhila phakathi lapho. Bese uqala ukuzwa, “Awu, mhlawumbe bengingafanele ngikwenze lokho.” Kodwa, niyabo, okuyikhona, kuyinto ethize. UMzimba wakho ulambeke isidingo, futhi, “Woza.” Kodwa uNkulunkulu unezakhamzimba phakathi ngqo *Lapha* okwakho konke nokunzi kwalowoMzimba. UJesu uye ukuyolungisela indawo esifubeni sikaNkulunkulu, yebo, mnumzane, imbewana encane, indodana kaNkulunkulu, indodana noma indodakazi encane kaNkulunkulu.

⁹² UJesu wacela into eyodwa kuphela, emkhulekweni waKhe kuBaba. Niyazi ukuthi leyo kwakuyini na? Into eyodwa, emva kwakho konke komhlatshelo waKhe Awenzayo lapha emhlabeni, ukuphila Akuphilayo, indlela yezinyawo Ayihambayo. Wacelela into eyodwa, “Ukuthi lapho Ngikhona, babekhona nabo.” Wacelela inhlanganyelo yethu. Yileyonto kuphela Ayicela kuBaba emkhulekweni, ukuhlanguana kobungani kwenu kwanjalonjalo. Uma nifuna ukukufunda lokhu kuJohane oNgcwele 17, nevesi 24. Manje—ke sifanele siMfise kangakanani na? Uma Efisa . . .

Manje lalalani. Uma ngempela nizelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, lokho kuchaza yonke into kini. Niyabo? Akusiyo incwadi ethize yemigomo. Aniphili-mithetho nokunjalo. Niphila ngomusa kaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu.

⁹³ Bengikusho kaningi lokhu. Njengesithunywa senkolo, ngiyaye ngiye phesheya kwezilwandle. Ukuba—ke bengilethe umkami ngamngenisa, abantwana bami, “Manje bukani lapha, bantwana! Lalalani lapha, Nkk. Branham! Ngingumyeni wakho. Awuyikuba nabanye abayeni ngenkathi ngingekho. Uma ukwenza, ngiyokuhlinza uma sengibuya ekhaya”? Ehhe. Niyabo?

Ngishaye ngonyawo lwami phansi, “Bantwana, niyezwa ukuthi ngithini?”

“Ya. Yebo, baba. Ya.”

“Keningizwise ngokukodwa kwesiphambeko? Niyabo?” Niyabo? Manje, kungebe yikhaya lelo na?

Manje—ke uma ethi, “Manje, usuqedile, mnumzane na? Manje ngifuna ukukutshela okuthize. Mnu. Branham, ngingunkosikazi

wakho oshade ngokusemthethweni! Awuyikuba nezinye izintombi ngenkathi ungekho, nawe”? Manje, kungebe yikhaya na? Manje, lokho kungaba yinto ethize.

Asikwenzi lokho. Ngiyamthanda, futhi uyangithanda. Uma azi ukuthi ngiyahamba, uyazi angihambi ngaphandle uma iNkosi ingibizela ukuba ngihambe. Siguqa phansi, bese siqoqa abantwana. Siyakhuleka. Ngathi, “Nkulunkulu othandekayo, nakekela umata wami omncane, abantwana bami.” Bathi, “Nkulunkulu, nakekela ubaba sisahambile, esahambile.” Bese kuthi-ke uma siwela . . .

⁹⁴ Manje, uma-ke ngenze into ethize engalungile laphaya na? Uma-ke ngiphambukile, ngenze into engalungile na? Futhi ngiyabuya ngase ngiya kulowomkami omncane bandla, ngama lapho bese ngimbuka ubuso bakhe osebushwabana, nezinwele zakhe seziba mpunga, ngenyuka ngase ngithi, “S’thandwa, kukhona engifuna ukukutshela khona. Uyazi ngiyakuthanda.”

“Impela, Bill, ngiyazi uyangithanda.”

⁹⁵ “Ngiyakutshela ukuthi ngenzeni. Ngithathe enye intombazane ngaya nayo ekhaya.” Ngi-ngithi, “Uzongithethelela ngakho na?” Ngikholwa ukuthi ubengangithethelela. Ngikholwa ngempela. Kodwa bengingakwenza lokho na? Uma ngibheka, ngimi lapho, ngibuke lezozinwele ziba mpunga, futhi ngazi ukuthi ume phakathi kwami nomphakathi, futhi ngiyazi ukuthi ubeyinkosikazi yangempela kanjani, bengingakwenza lokho na? Ngi-ngingaqoka ukufa kunoma ngimlimaze, ngingaqoka khona.

Nalokho, othandweni lokuthanda umkami, lukhulu kangakanani uthando lwami lokuthanda uNkulunkulu! O, ngingenze lutho lokuMlimaza. Impela ngeke. Ngi-ngiyaMthanda. Ngifuna ukwenza konke A—Afuna ngikwenze. Ngifuna ukubambisana nalo lonke iZwi Alisho, akunandaba ukuthi izwe lithini. Bona, abazukuLikhholwa, empeleni. Ngifuna ukwazi ukuthi Wathi angenzeni. Futhi uma kukhona engishoda ngakho, ngifuna Yena ukuba angiphe khona. Futhi ngiphilele Yena, sizigcina ezweni.

⁹⁶ Lomzimba omdala wasemhlabeni lapha ufanele kokwawo u . . . Ake nginitshela. Lomzimba wasemhlabeni enicabanga kakhulu kangaka ngawo, eniwufanisa neHollywood. Nisondele kakhulu kuyo. Ingeke ibe lapho isikhathi eside kakhulu. Khumbulani. Nisizwile isiprofetho, niyabo, iNkosi engipha sona, “Izoshona ngaphansi.” Yebo, mnumzane. Qaphelani. Izoshona ngaphansi. Bhekisisani nje. Manje, Akukaze kungitshela lutho okuliphutha, namanje. Ngizokuthatha lokho ngikuyise kunoma ubani ofuna ukusho. Angazi ukuthi nini noma kuphi, kodwa isiphelile. Ukwahlulela kulenga phezu kwayo. Akukho kuhlengwa kwayo; seyedlule. Niyabo?

⁹⁷ Manje qaphelani lokhu. Philelani Yena, sizigcina ezintweni zezwe. Manje bukani. Nibuka itelevishini, abanye benu bodadewethu, futhi nehlela lapha futhi nifuna, nina zintombi. Nisebasha. Ngiyakwazi lokho. Kodwa ningamaKristu. Niyabo? Nehlukile. Anifuni ukufana nezwe. Nithanda izwe. Akusini nodwa nina basha; abanye benu esenibadala. Niyabo? Awu, yini eyenza lokho na? Niyabo? Nibuka itelevishini, nehlele esitolo, nibona lezizingubo ezindadlana abesifazane abazigqokayo, lokho ngukungamesabi uNkulunkulu.

Niyazi ukuthi kuzokwenzekani ngoSuku lokwaHlulelwa na? Ungahle ubemsulwa impela nje ngakho konke kumyeni wakho, kodwa ngoSuku lokwaHhulelwa uzophendula ngokuphinga. UJesu wathi, “Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.” Ubani okufanele asolwe na? Nguwe. Niyabo? Uziveze wena, lezozikhindi namabhulukwe eflanela amasleksi.

Abanye besifazane bathi kimi, esikhathini esingeside esedule, bathi, “Angizigqoki izikhindi, Mfowethu Branham. Ngiyayibonga iNkosi ngalokho. Ngigqoka ibhulukwe leflanela amasleksi.”

⁹⁸ Ngathi, “Lokho kubi kakhulu.” Lokho kubi kakhulu. Kunjalo.

⁹⁹ Awukwazi ngisho nokuthenga ingubo, kul’khuni, kwabesifazane. Wathi, omunye wesifazane wathi, “Awu, usho iqiniso. ‘Ungeke. Ungeke uyithenge.’” Kodwa basazithengisa izindwangu futhi banemishini yokuthunga. Niyabo? Ngakho akukho-zaba, nhlobo. Niyabo? Niyabo?

Kuyakhombisa, dadewethu. Ngingumfowenu. Futhi ngiyinceku kuKristu, efanele iphendule eNkantolo yokwaHlulela ngalokho engikushoyo lapha kulobubusuku. Niyabo? Uzoma, unecala lokuphinga, ngenxa yokuthi uthando lukaNkulunkulu luvuzile enhliziyweni yakho. Usalokhu uya esontweni. Ungahle ukuba usalokhu usina eMoyeni. Ungahle ukuba usalokhu ukhuluma ngezilimi. Nalezozinto zikahle, kodwa akukabi suYe namanje. Qhabo, mnumzane.

¹⁰⁰ Khumbulani, iBhayibheli lathi, “Ngezinsuku zokugcina kuyofika oKristu bamanga,” hhayi oJesu bamanga. Babengeke bame bathule ngalokho. Kodwa, “oKristu bamanga,” abagcotshiweyo bamanga. Bagcotshwe ngoMoya ngokoqobo, ngoMoya oNgcwele, futhi kusalokhu kungamanga. Niyabo? Kunababili . . .

¹⁰¹ Kunabantu abathathu bakho. Ongaphandle ngumzimba. Unemizwa emihlanu, oxhumana nekhaya lakho lasemhlabeni ngalokho. Ongaphakathi ngumoya. Kunemizwa emihlanu lapho, uthando nonembeza, kanjalonjalo, uyaxhumana. Kodwa ingaphakathi lakho ngumphumulo.

¹⁰² Khumbulani, “Imvula inela abalungile nabangalungile.” Imvula efanayo ezokwenza uhlamvu lukakolo lumile yenza ugudluthukela umile nawo. Niyabo? Kuyini na? Ngaphakathi kwaleyombewu yimvelo, naleyomvelo iveza obala, izeveza obala. Ungama ensimini efanayo, khona lapho kanye nokhula. Ukhula nokolo kuma ndawonye, kujabule kakhulu impela nje. Ikhanda lalo libheke phansi. Lubulawa ukomela amanzi. Uma kufika imvula, ugudluthukela ungamemeza kakhulu nje njengoba kungenza ukolo. “Kepha niyakubazi ngezithelo zabo.” Niyabo?

¹⁰³ MaKristu, ngingahle ngingaphinde nginibone. Niyabo, sekuyiminyaka ngagcina ukuba lapha. Ngingahle ngingaphinde nginibone. Yibani semgqeni neZwi likaNkulunkulu. Bukani esibukweni.

Njengomfana omncane ngesinye isikhathi, wayekade ephumele emaphandleni, engakaze asibone isibuko. Ufika endlini ka-anti wakhe—wakhe. Uqala ukwenyuka ngezitebhisi. Wabona isibuko, futhi wabona umfana omncane esibukweni. Wayelokhu enyuka, ebuka. Futhi—futhi wayevayizela, nomfana omncane wayevayizela. Futhi wayelokhu ebuka. Wayengakaze azibone esibukweni. Ngakho ngenkathi esesondele ngokwenele kuso, uyaphenduka, wathi, “Ngani, Mama, yimi lowo!”

¹⁰⁴ Ubuka kanjani, esibukweni sikaNkulunkulu na? Ngabe sibonisa indodakazi noma indodana kaNkulunkulu na? Ngabe kukhona into ethize, okungukuthi, uyakuzwa Lokho, ngabe kukwenza uyizonde indoda eKushoyo na? Noma, ngabe ikhona into edonsayo, ithi, “Ngiyazi leyondoda iqinisile ngoba lokho kusemBhalweni?” Manje-ke, lokho yizakhamzimba ezidingeka kulomzimba omiselwe ukuba ube lapho, indlu leyo enye ezozidinga uma ufika lapho. Niyabo? “Lendlu; uma sithwale owasemhlabeni.”

¹⁰⁵ Manje khumbulani, sicabanga kakhulu ngalomzimba. Siwugqokisa eziningi kakhulu izingubo. Senza izinto eziningi kakhulu, okungukuthi, ngokungenasidingo, sishintshe sishintshe sishintshe, zonke lezizinto. Futhi—futhi, o, nje wonk’umuntu!

Ake nje umuntu aqale into ethize. Upenda izitebhisi zakho zibe bomvu futhi bhekisisa abakwaJones bapenda ezabo zibe bomvu. Ushintsha kwiShevurolethe uye kwiFodo, futhi nje ngeke bakumele. Yisikhathi sokufanisana. Udedele i . . . Dedela owesifazane eze esontweni, efake uhlobo oluthize lwesigqoko, bhekisisa bonke abesifazane bathenga lesu; ikakhulukazi umkamelusi, niyabo, bhekisisa nje ukuthi kwenzekani. Manje, lokho kuqinisile. Lelo yiqiniso uqobo. Yisikhathi sokufanisana. Mfowethu, kufanele kube yisikhathi sokufanisana. Nazo zonke lezo—zonke lezozinto i—ingeyenhloso.

Angikhathali noma ngabe ibhantshi lami liyafanelana nebhulukwe lami. Futhi nginesikhathi esinzima. Umkami

noma umalokazana wami, omunye, ungitshela ukuthi nhloboni ka—kathayi engifanele ngiwufake nalo. A—angikhathali noma ngabe kuyafanelana, nokho. Ngifuna isehlakalo sami sifanelane neZwi likaNkulunkulu. Yileyo nto, ngoba yilapho engihlose ukuphila khona; hhayi ezansi ekhoneni ngaleya nabakwaJones, kodwa ngaleya eNkazimulweni lapho uJesu ekhona, eye ukuyosilungisela indawo. Yebo, sifuna lokho. Yebo, mnumzane. Zigcineni kukho konke lokhu.

¹⁰⁶ Lelitabernakele lasemhlabeni elidala lapha, niyazi ukuthi liyini na? Lomzimba unjengebhantshi elidala oligqokayo, ibhantshi oke uligqoke. Kodwa manje unelinye elingcono kakhulu, awusalisebenzisi. Wenzani na? Uliphanyeka ekamelwaneni, ngoba usunalo elingcono. Usunebhantshi elingcono. Lihambisana kakhulu nesikhathi kunaleli owawuvame ukuligqoka, lelo seligugile. Ini na? Yileyongubo. Wena uyingaphakathi lalowo lapho. Leyongubo kuphela yenzeni na? Yathwala umfanekiso wakho. Niyabo? Kodwa awusayidingi manje. Usuyiphanyekile. Isiyisidwedwe.

Futhi yileyondlela lomzimba omdala oyiyo, wena, uthwale umfanekiso wowasezulwini. Nokho, awusuwe. Wena ukwingaphakathi lalowomzimba. Wena, uMoya kaNkulunkulu, ukwingaphakathi lalowomzimba. Yilokho okwenza ingaphandle libe sekuthobekeni, ngoba ingaphakathi liyawudonsa, niyabo, liwungenisa ube semgqeni neZwi likaNkulunkulu; ingaphakathi lakho, wena uqobo, ubuwena.

Lomzimba uyibhantshi elidala nje. Futhi ngoluny'usuku, uyokwenzani ngawo, ngoba wena wa—wawuyingubo kuphela isikhashana na? Lowo unjengengubo yasemhlabeni; lomzimba. Umzimba wakho—wakho wangempela, uwena uqobo, ukwingaphakathi lalibhantshi elidala olibiza ngoWilliam Branham, noma uSusie Jones, noma ngabe ubani. Niyabo? Ngoluny'usuku liyophanyekwa ehholo lasemhlabeni lenkumbulo yakho. Uyolibeka ngaphandle ngaleya ethuneni, futhi omunye uyomisa itshe lethuna, “Lapha kulele uMfu. *S'bani-bani*, noma uJohn *S'bani-bani*, noma u*S'bani-bani*.” Liyolala lapho njengesikhumbuzo sakho. Abantu bakubone nje kuleli. Futhi lokho obuyikho wena, uwena ngempela, ubekwingaphakathi lalokho. Kodwa ibhantshi elidala, qobo lalo, nje “lithwale umfanekiso wowaseZulwini.”

O, bantu, senikwenzile ukuzibekela izindawo ukushintsha amabhantshi na? Senikwenzile ukuzibekela izindawo zaseZulwini na? Khumbulani, nifanele nibe nokuzibekela izindawo. Ngeke nangena ngaphandle kwazo.

Ngikhuluma kini ngolwimi lwesimodeni manje, enilwaziyo. Uma uya ehotela, uthi, “Awu, bengine. . .”

¹⁰⁷ “Ubuzibekela izindawo na? Awu, ngiyaxolisa. Yonke into isigcwaliswe phama.” Uphandle emakhazeni, ngoba wehlulekile ukuzibekela izindawo.

Futhi uma ufika ekupheleni kohambo lokuphila kwakho, ngaphandle kokuzibekela izindawo, akuyikubakho-Muntu lapho ukukuhlangabeza. Uyodingeka wehlele ePhakadeni elimnyama lapho okuyobakhona ukudazuluka, nokukhala, nokulila, nokugedla amazinyo. Ufanele. Ungeke ungene eMzini, wena, ngoba awunayo indawo ozibekela yona. Ufanele ube nazo, ukuba ungene eMzini, lapho uJesu eye khona ukuyokulungisela indawo. Khumbula. Ufanele ube nokuzibekela izindawo, nengubo yensindiso, igqokiwe. Ungeke.

¹⁰⁸ KuMathewu, nginomBhalo lapha. Ngibhekisisa umBhalo, uMathewu, amashumi amabili- . . . 22:1 kuyakwele 14. Anginaso isikhathi sokukufunda, ngoba isikhathi siya ngokuphela. Ngikhulume isikhathi eside kakhulu, kini. Kodwa khumbulani, inkosi yathumela yase yenza isidlo sakusihlwa. Yahlaba zonke ezezinkabi zayo, yase—yase ilungisa ezikhuluphalisiweyo nakho konke, yayinesikhulu isidlo sakusihlwa esilungisiweyo. Yayisithumela, futhi yayikade isho kwabaningi ukuba beze.

Omunye wathi, “Awu, niyazi, eqinisweni, Ngikhonza kuleli.” “Futhi nginalokhu,” “Ngifanele ngihambe neplazi lami.” Nomunye wenza izinto eziningi. Yaphinde yathumela, futhi baziphatha kabi. Futhi ekugcineni . . . Leso kwakuyisizukulwane samaJuda, uJesu ayekhuluma kuso. Babenezinye izinto abazozenza.

Kwase kuthi, ekugcineni, yathumela, “Futhi ithi . . . Hambani. Nje ninga . . . Nje nibaphoqe. Ngenani emigwaqeni nesemigwaqeni emikhulu, nandawo zonke, futhi nibaphoqe ukuba bangene.” Futhi emva kwalokho, yazimisela ukuthi indlu yayo yayi . . . Isidlo sayo sakusihlwa sasizodekwa. Kuzoba khona izimenywa lapho.

Yase-ke ithola umuntu phakathi lapho engayembethe ingubo yomshado. Wayefuna ukubambelela ebhantshini elidala. Futhi bukani ukuthi yathini. “Mngane, emva kokuba sengikumemele esidlweni sakusihlwa sami somshado, futhi ngikumemile futhi ngikunika isimemo sokuba ufike!”

¹⁰⁹ Futhi uma wake waba semazweni aseMpumalanga, engishumayeke ngakho phakathi lapho isikhathi esiningi, ukuthi isidlo sakusihlwa somshado sisenziwa ngayo nje indlela esasiyiyo. Umyeni, ukuthi, bonke, unezimenywa eziningi kakhulu azoba nazo. Mhlampe, Mfowethu Kopp, mhlampe uke wakubhekisisa lapho eNdiya. Niyabo? Banezimenywa eziningi kakhulu azozicela; asithi uzocela izimenywa ezingamashumi amathathu.

Manje, umyeni uzofanele anikezele ngezingubo ezinde. Uzofanele azinike, ngakho-ke nango umuntu emi emnyango.

Futhi wenyuka nesimemo sakho. Uhlola isimemo sakho bese ekugqokisa ingubo, ingubo ende. Lokho, ezinye zazo zicebile, nezinye zazo zimpofu, nezinye zehlukile, kodwa zonke zibukeka zifana uma zigqoka lezizingubo ezinde. Zonke zibukeka zifana.

Futhi nonke nifanele nibukeke nifana. Awuzukuba, ngothi, “NgiyiMethodisti *nga pha*. NgiyiPresbyterian *ngapha*.” O, qhabo. Awungeni, indawo yokuqala. Niyabo?

Ufanele uze ngoMnyango. UJesu wathi, “Mina nginguMnyango esibayeni sezimvu.”

“NgiyiPentecostal. Ngiyi*lokhu*. Ngiyi*lokho*.” Lokho akusho neyodwa into.

Uza ngalowoMnyango. Futhi uma uza ngalowoMnyango, uthola ingubo ende.

¹¹⁰ Nalomuntu, ngenkathi ethi, “Ungene kanjani lapha, mngane?” Niyabo?

Kwakhombisa ukuthi wenyuka ngenye indlela, futhi ungena ngewindi, ungena ngendlela engemuva, kodwa hhayi ngomnyango; hhayi ngoMnyango, indlela uJesu afika ngayo, ngomhlatshelo wakho uqobo; unikela konke okwakho kuNkulunkulu, futhi uhamba uya eKalvari futhi ubethelwe kanye naYe. Futhi uphinde uvuke, ukuba ugqoke ingubo yaKhe yomhlatshelo nokufa ezintweni zezwe.

¹¹¹ “Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Niyabo? Uma nisalokhu ninothando lwezwe, nifuna ukuziphathisa okwezwe, futhi nenze njengezwe; nizama . . . ni . . . Nokho, nisebandleni, kodwa ugudluthukela ekuchibiyelweni nokolo; nimemeza kanye nabo bonke abanye, nithokoze nabo bonke abanye. Zonke izibusiso zokomoya siphezu kwenu ngqo.

Wena uthi, “Awu, ngiyaprofetha.” Wenzenjalo noKayafase. Wenzenjalo noBalami. Lokho akunalutho . . .

¹¹² “Nginombhaphathizo, uMoya oNgcwele.” Lokho kusalokhu kungahlangene ngalutho nakho. Leso nje kuphela yisiphiwo sesikhashana sakho.

Isiphiwo sangempela ngumphefumulo wakho phansi phakathi lapho, niyabo, lowo wazalwa nguNkulunkulu, nalowo ulawula yonke into iye eZwini likaNkulunkulu nentando kaNkulunkulu. Futhi ukhula lapho, niyabo, khonake uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Ungumntwana kaNkulunkulu. Nalezizinto, lapho wenyuka . . . Njengomama, manje usezibilini zomhlaba, uzama ukucela. Uyindodana kaNkulunkulu, uvela, futhi ubona iZwi lithi, “Ngifanele ngenze *lokhu*. Ngifanele ngizalwe ngokusha.”

“Awu, ngingowebandla.” Lokho akusho neyodwa into. Niyabo?

“NgiyiMethodisti; umama wami.” Lokho kuhle kumama wakho.

¹¹³ “Awu, he, ngiyiPentecostal. Ngingowakhona.” Lokho, uma ungami emgqeni naleloZwi, kukhona okungalungile. Niyabo? Manje-ke, niyabo, ubaba wakho wangempela akusuye uNkulunkulu. Niyabo? Ngoba, lokho kuqalisa kwangempela emphefumulweni wakho, ngaphambi kokuba kuze kubekhona ngisho umoya, kwakungumphefumulo wakho. Lowomphefumulo awuvelanga kuNkulunkulu, khona-ke kwakungesiyo imbewana kaNkulunkulu, ukuqala. Udukisiwe. Usekuchibiyelweni kokhula futhi uthela ubufakazi bezwe bokhula buvela. Uziphathisa okwezwe, uthanda izwe, yingoba uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe.

¹¹⁴ Futhi manje kuzobakhona abagcotshiweyo bamanga ngezinsuku zokugcina, hhayi uJesu wamanga. Babengeke bakumela lokho. Kodwa, “abamanga,” abagcotshiweyo. Bagcotshiwe, yebo, mnumzane, kodwa bangumphiku-Kristu. Bagcotshwe ngoMoya, ukuba benze izibonakaliso nezimanga uKristu azenzayo, kodwa abami emgqeni neZwi laKhe. Niyabo?

“Abanengi bayakuza kiMi, loloSuku, futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini, futhi ngakhipha amademoni, ngeGama laKho na?’”

Uthi, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angizange ngisho nginazi.”

“NgangiyiPentecostal, Nkosi. Udumo kuNkulunkulu! Ngamemeza. Ngakhuluma ngezilimi. Futhi ngabeka izandla phezu kwabagulayo, futhi ngabaphilisa, ngakhipha amademoni.”

“Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angizange nginazi.”

¹¹⁵ Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? O, bantwana abancane, niyasizwa isidingo salesosakhazimba kulobubusuku, leyonto ethize na? Kukhona umzimba olinde ngaleya. Kukhona umzimba olinde ukwemukelwa. Bantu, ningadukiswa. Ningadukiswa. UDeveli ungumdukisi. Ngisho ne—nengubo yomshado, nifanele niYembathe. Ifanele.

¹¹⁶ Manje sisesikhathini sokuhlwa. Umzimba wasemhlabeni manje usulungele ukudilizwa, futhi silungiselela ukungena kowaseZulwini. Futhi manje sizwa ubizo oluxakile, lukaNkulunkulu, ukuba siye kule-Edene enkulu. Futhi ngaphambi kokuba sikwazi ukuzalwa lapha, imizimba yethu emincane yayikhalela into ethize e—eyayifanele ihlinzekwe, kungenjalo besizoba ngumntwana ohluphekile lapha uma besingenjalo. UNkulunkulu akanazinhlupheko phezulu lapho. Bona, bonke, bame umugqa ngokupheleleyo, uMlobokazi impela nje njengoba wayenjalo uMyeni, iZwi lazibonakalisa enkathini yaLo yonyaka. Nkulunkulu baphe, kulobubusuku, abantwana,

nonke ngamunye wenu! Kukhona iZulu okuyiwa kulo. Kukhona isihogo ukuba kudedwe kuso.

117 Manje, abaningi benu bayazi ukuthi iNkosi inginike imibono, izinkulungwane zaleyo. Into enkulu kunazo zonke... Ngangikwesaba ukufa. Cishe eminyakeni emithathu edlule, nibabonile OsomaBhizinisi abangamaKristu, we*Dlule eKhethinini LesiKhathi*. Ngियाqonda ukuthi kungenzeka ngingaphili ngalobubusuku. Kungenzeka ngingaphinde nginibone empilweni yami lapha, kodwa lokhu kuqinisile. A— angazi noma lokhu ngizokubiza ngombono, noma kwakuyini.

Ngokunye ukusa, maduze nje, ngangi... Ngangisanda kuvuka nje. Ngingena ngivela emhlanganweni. Nomkami wayelele lapho, elele ubuthongo. Ngathi, “S’thandwa, ubhekile na?” Wayesalele. Ngiyazi sasifanele sivuke, ukuba siyise abantwana esikoleni.

Ngase ngibeka izandla zami ngemuva, *kanje*, ngase ngithi, “Awu, awusho, Bill Branham, uyazi yini ukuthi usudlule emashumini amahlanu na? Wena, uma kukhona ozokwenzela iNkosi, kungcono usheshise, ngoba awusenaso esinye isikhathi esiningi kakhulu.” Ngacabanga, “He, ngethemba ukuthi ngingaphila ukuba ngibone ukuFika kweNkosi uJesu.”

Ngangihlala nginakho njalo engqondweni yami, ukuthi— ukuthi uma sesifile, ngiyobona, njengokuthi, umfowethu *lapha*. Ngiyothi... “Ya, washumayela ebandleni lami, ngobunye ubusuku phansi emhlabeni, Mfowethu Branham.” Kodwa, u— ungumoya, ngangingekwazi ukuxhawula isandla sakhe, ngoba isandla sakhe silaphaya ethuneni, sesibolile, niyabo; nesami, futhi. Ngangivamise ukuthi nje ukukucabanga lokho.

118 Kodwa ngalokho kusa, ngenkathi, ngizwa Into ethize yehlela phezu kwami. Ngacabanga... Ngokwejwayelekile, njengokuba umbono ufika. Futhi ngabuka, futhi nga—ngabuka. Ngacabanga, “He! Yini le?” Ngase ngibuka, amakhulu, amagquma al’hlaza’tshani. Nabesifazane abasha wayevela kuyo yonke into, ngamashumi ezinkulungwane, namakhulu ezinkulungwane. Futhi bonke babeza, izinwele ezinde zize zayoshaya phansi emhlane wabo, bembethe izingubo ezimhlophe ezinde, bengafake zicathulo, bememeza kakhulu, bempopolozo, “Mfowethu!”

119 Nga—ngacabanga, “Manje, yisimanga lesi.” Ngaqalaza ngemuva ngase ngibuka. Futhi lapho ngangilele khona lapho, futhi lapho kwakukhona umkami, elele lapho embhedeni. Ngase ngithi, “Manje, uyazi uk’thini? Ngifile.” Ngathi, “Lokho, yilokho okwenzekile. Ngi—ngifile.” Ngase ngithi, “Ngingahle ukuba ngibe nokuhlaselwa yinhliziyi, noma okuthize. Ngifile. Nanko ulele umzimba wami.” Ngangilele lapho nje nezandla zami ngemuva, *kanjalo*, ngigongobele impela nje. Ngacabanga, “Lokho akusiwo amafidi angamashumi amabili ukusuka

kimi.” Futhi ngangilapho, ngibuka. Ngacabanga, “Lokho yi. . . Nango umkami lapho. Lapho, nanso yonke into. Nanto iyembe lami lilenga lapho kulolothi lombhede lapho. Futhi ngakho ngilapha.”

¹²⁰ Ngaqalaza futhi, nalaba besifazane bonke babeza. Futhi babe. . . Ngabuka, abeza *ngapha*, futhi nakho kuza abafowethu. O! Bayibo ngokoqobo. Bonke babebukeka beyizinsizwa. Babememeza kakhulu, “Mfowethu oligugu!” O, ngangingazi ukuthi ngizocabangani.

¹²¹ Ngacabanga, “Yisimanga lesi.” Ngabuka emuva, futhi ngangingesiyi indoda endala. Ngangimusha. Ngacabanga, “Lena yinto eyisimanga.” Ngacabanga, “Ngabe lona ngumbono?” Ngangiluma umunwe wami. Ngase ngicabanga, “Qhabo. Akusilo uhlobo lombono engike ngaba nalo.”

¹²² Manje-ke, lapho, Into ethize iqala ukukhuluma kimi phezulu *lapha*, yayisithi, “Ungene nabantu bakho.”

Ngacabanga, “Nabantu bami? Bonke laba bangoBranham?”

¹²³ Yathi, “Bangabaphendulwa nguwe kuKristu.” Nalaba besifazane. . .

Niyazi bengihlala njalo ngithathwa ngokuthi, ngenxa yokuthi babengibiza ngokuthi “ngingozonda abesifazane,” kodwa angisuye. Niyabo? Isizathu, ngikholwa. . . A—a—angisithandi isimilo esibi, ukungaziphathi kahle. Ngithanda abangempela, odadewethu abangaboqobo bakaKristu. Uma kungaleyondlela, kulungile.

¹²⁴ Nganginezibazi ezithize ngenkathi ngisengumfanyana. Ngiyazazi izinto eyathi ukungiphendulela kuleyondlela. Kodwa kwa—kwakunguNkulunkulu konke, kwenza, kungibumbela lelihora. Niyabo?

¹²⁵ Ngicabanga ukuthi owangempela, udadewethu wangokoqobo, ayikho into enye ehle ukwedlula. Uma uNkulunkulu engapha indoda noma yini engcono kunensindiso, Uyomupha inkosikazi. Niyabo? Futhi ngakho, manje-ke, uma ubengapha indoda noma yini engcono, Ubengakwenza. Bese kuthi-ke ukubona abanye babo bejika futhi bangaziphathisi ngisho okwenkosikazi, bengethembeki ezifungweni zabo zomshado, nabayeni babo ngokufanayo. Khumbulani, ubophezelekile inqobo nje uma usaphila, komunye nomunye. “Okuhlanganiswa nguNkulunkulu emhlabeni, kuhlanganisiwe naseZulwini.” Niyabo?

¹²⁶ Futhi ngakho-ke nga—ngakubona lokho. Nalaba besifazane bagijima benyuka futhi babesho bengigaxa, futhi bengigona, futhi bengibiza ngo, “Mfowethu!” Manje, babengabesifazane, kodwa ngeke saze sabakhona isono kuleyondawo. Niyabo? Babengabesifazane. Kodwa, niyabo, okusenzayo manje, owesifazane ne—nendlala, indlala yabesifazane, nowesilisa

nendlala yesilisa, lokho kungokokuveza abantwana. Lapho ngeke ibekhona. Bonke bayoba yindlala eyodwa, kodwa bayolokhu besesesimweni. Umfanekiso wasemhlabeni abawuthwalayo lapho uyoba lapho, kodwa asisoze sabakhona isono. Nonke niyafana. Ngeke besabakhona abantwana abayovezwa lapho. Niyabo? Kunjalo. Konke kuyoba ngaleyondlela. Futhi ngakho ngabuka, nalaba besifazane.

¹²⁷ Base bengiphakamisa. Lababafowethu bangihlalisa phezulu endaweni. Ngathi, “Nikwenzelani lokhu?”

Wathi, “Emhlabeni wawungumholi.” Futhi kwathi—futhi kwathi, “U. . . Yilababantu.”

¹²⁸ Futhi kwakukhona omunye wesifazane owenyukayo. Wathi, “Mfowethu oligugu.” Owesifazane omuhle kakhulu!

Ngenkathi edlula, leliPhimbo lama, lathi, “Awumkhumbuli na?”

Ngathi, “Qhabo.”

Lathi, “Wamholela kuKristu ngenkathi esedlule emashumini ayisishiyagalolunye. Niyabo? Awuboni yini ukuthi kungani ethi ‘mfowethu oligugu?’”

Ngathi, “Awu, u—uhamba. . .”

Lathi, “Qhabo. Silinde lapha.”

Ngathi, “Awu, uma ngedlulile, ngifuna ukubona uJesu.”

Lathi, “Ungeke uMbone manje. Lona ngumBhalo, wathi, ‘Imphefumulo ephansi kwe altare.’ Uthe ukuphakama kakhudlwana nje. Ngoluny’usuku Uyobuya. Sibuyela emhlabeni. Asidli noma siphuze lapha.”

¹²⁹ Ngathi, “Usho ukuthi ngangesaba lokhu na? Ngani, lokhu. . .”

Alikho izwi lokukukhuluma, bangane. “Kuphelele,” belingeke—belingeke likuthinte, “okuphakeme kakhulu.” Akukho—magama esiNgisi akhulunywayo engiwaziyo, akukho—zwi nhlobo, elaliyoke lizwakalise ukuthi kuyini. Kungaphambili le kwanoma yini engiyaziyo. Wayelapho. Kwakungekho—kugula, kungekho—sizi. Wawungeke ufe. Wawungeke wone. Kwakuphelele nje, kuphelele nje. Bangane, anifanele, anifanele nikugeje. Khumbulani.

¹³⁰ Futhi ngenkathi ngisengumfana omncane, ngabona umbono wesihogo, njengomfana omncane. Futhi niyazi ukuthi akanjani amanekazi, namhlanje, noma abesifazane (inenekazi belingeke layenza into enjengaleyo), bapende amehlo abo njengempisi, noma into efana naleyo, into el’hlaza sibhakabhaka phansi kweso labo. Ngikubonile lokho. Ngangizika. Njengomfana omncane, ngangikade ngidutshuliwe, futhi ngangilele, ngifa esibhedlela. Futhi ngangazi njalo ukuthi wayekhona uNkulunkulu.

Ngiyawukhumbula umkhuleko wokuqala engake ngazama ukuwukhuleka. Into kuphela engangingayisho. . . A—angikaze ngikusho lokhu ngaphambili. Ngizwa nje ukuthi ngizokuxoxa khona manje. Ngadutshulwa, ngilele lapho, ngifa endle. Nesicelo kuphela engangingaba naso kuNkulunkulu, ngathi, “Uyazi, Nkosi, angizange ngiphinge.” Niyabo? Njengomncane, umfana osemncane cishe iminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, ngazama ukuphila ngokufanele. Ngase ngithi, “Ngiphile ngokuhlazeka.” Futhi yilokho engangingakusho. Yilokho kuphela okwakungifanele engangingakunika Yena.

¹³¹ Kwase kuthi-ke ngilele lapho, ngaleyonkathi, ngenkathi udokotela esehambile wasuka kimi, futhi ngazizwa ngicwila ngingena ePhakadeni elimnyama, futhi kwakubukeka kufana nalo. Ngampongolozela ubaba, “O, baba, ngisize.” Kwakungekho-baba lapho. “Mama, ngisize.” Kwakungekho-mama lapho. “Nkulunkulu, ngisize.” Kwakungekho-Nkulunkulu lapho. Kwakungelingakhawukiyo nje, elibi kabi, o, iphupho elesabisayo. Esivuthayo, isihogo esinamalangabi sasingaba yintokozo, siqhathaniswa nalokho. Futhi ngiwa ngidabula lapho, ngacabanga, “O, he!” Ngiphenduphenduka, *kanje*. Ngangena endaweni, intuthu, nomnyama, nokugula. Futhi, o, ukuzwa okunje pho! Kwakungukufa phezu kwami.

Ngangibabona labo besifazane benyukela kimi, benalolohlobo lwamehlo apendiwe kanjalo. Manje khumbulani, lokho sekube yiminyaka engamashumi amane-nanhlanu eyedlula, cishe iminyaka engamashumi amane edlule, empeleni. Bethi, babethi, “Hhee! Hhee! Hhee!”

Ngathi, “Ngizoba lapho kuze kube-phakade na?”

“Kuze kube-phakade.”

¹³² Ngathi, “O Nkulunkulu, uma Uzongidedela ngiphume lapha, a—a—angisophinde ngibe namahloni ngaWe futhi. Angisoze ngaba namahloni. Nkulunkulu, ngiyacela nginike ithuba.”

Into yokuqala niyazi, ngazizwa ngibuya ngenyuka. Nodokotela washaqeka, ngoba inhliziyo yami yayishaya kuphela kashumi nesikhombisa eminithini. Ngase ngophe laphuma lonke igazi lami nakho konke, ngangilele egazini lami uqobo. Futhi bengimangala, ngoluny’usuku lokho kwakuyokwenzeka na?

¹³³ Cishe eminyakeni emibili edlule, ngenkathi ngithuthela eTucson, nganginomkami eJ. C. Penney’s. Ngangihlezi lapho *kanjalo*, nekhandla lami libheke phansi, ngilindile. Isizathu, niyazi ukuthi kukanjani, amanenekazi, athenga isikhathi eside. Futhi ngangi—ngangihlezi lapho, ikhandla lami libheke phansi *kanje*. Nesitebhisi esizihambelayo sasikhuphuka. Futhi nakhu kwenyuka abanye balabo besifazane, nalokho kugundwa kwezindle eziyinkimbinkimbi, niyazi, njengoba benza, *kanjalo*. Benyuka nalawomehlo abukeka ependwe kanjalo. Futhi

babekhuluma iSpanishi. Futhi lokho yilokho. Wonke (umbono) waphinde wenzeka futhi. Kwakulapho, “Hhee! Hhee!”

¹³⁴ Mfowethu, dadewethu, ake nginitshela into ethize. Kungahle kubukeke kuyinsini manje, kodwa uma uke wafika lapho. Kuyinto enzima. Ningahambi neze ngaleyondlela.

¹³⁵ Mina, njengendoda esindala, umfundisi, ngishumayele umhlaba jikelele, nginezigidi zabangane, kodwa ngiyazi ngifanele ngime nani ngaleya. Suka ezintweni zezwe. Futhi uma ikhona into ekuwe, ukuthi usafuna ukwenza ngendlela owenza ngayo, uma unezinto zezwe kuwe, khumbula, awusuye okaNkulunkulu. Useyilunga lebandla nje, kuze kube yilolobizo; lolotwa, lubizana noTwa. Niyabo?

¹³⁶ Njengokuthi, ngaphambi kokuba kubekhona isigwedlo emhlanje wenhlanzi, kwafanele kubekhona amanzi ayo ukuba ibhukude kuwo, kuqala, kungenjalo yayingeke neze ibe nesigwedlo.

Ngaphambi kokuba kubekhona i—isihlahla ukuba simile emhlabathini, kwadingeka kubekhona umhlabathi, kungenjalo bekungeke kubekhona isihlahla ukuba simile kuwo. Kwakungeke kube nasizathu sesihlahla, nokusenza sibekhona kanyekanye.

¹³⁷ Ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kubekhona uMdali. “Babusisiwe abalambela bomele ukulunga.” Niyabo? Kukhona into ethize kithi. Uphakamise isandla sakho esikhshaneni esedlule, “Ngifuna okuningi ngokwengeziwe kukaNkulunkulu.” Niyabo? Ikhona into edingekayo.

Futhi uma nithanda izwe, nihamba ngaleyondlela, izinto zezwe, niyohamba uhambo lwezwe, nasekuweni niyoba njalo. Niyabo? Phumani. Ningamadodana namadodakazi eNkosi, iNkosi qhwaba. Yiba yinenekazi nomnumzane ohloniphekile. Hambani njengamaKristu. Philani njengamaKristu. Yenzani njengamaKristu. Khumbulani, ngiyohlangana nani eNkantolo yokwaHlulelwa naleziziphawulo. Niyabo?

¹³⁸ Buka esibukweni sakho sokubuka, kulobubusuku, bese uyabona. “Yiyiphi indlela engiqonde kuyo na? Ngabe uJesu ungilungisela indawo, umzimba na? Lowomzimba uphelele. Lowomzimba uhamba ngokuhlekile. Uyindodana noma indodakazi phambi kukaNkulunkulu. Futhi ngiyizinhlungu zokuzala phakathi *lapha*, ukuba ngizalwe kulowomzimba lapho. Uma ngisalithanda izwe, kuyangikhombisa ukuthi (angisuye) anginamzimba lapho. Ngiyilunga lebandla nje. Ngangingesiyo imbewana kaNkulunkulu. Angisiyo. Akasuye uBaba wami.”

¹³⁹ Wathi, “Uma ningenakukumela ukulaywa,” yilokho enikutholayo manje, “khona-ke ningabantwana besihlahla, futhi anisibo abantwana bakaNkulunkulu.” Lokho akunjalo na? [Ibandla lithi, “Kunjalo.”—Umhl.] Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho na? [“Amen.”]

Uma ningenakukumela ukulaya kukaNkulunkulu, uma nibona umBhalo unibeka emgqeni, futhi nithi, “O, angifuni ukuzwa leyoNto. Ngi—ngingumKristu. Ngenza i. . .” Kulungile. Qhubeka. Niyabo? Kungubufakazi obubonakalayo obubodwa obuqinisileyo ukuthi awusuye umntwana kaNkulunkulu.

Kodwa owangempela umntwana kaNkulunkulu uyalamba futhi uyoma. Ngani na? Uma kukhona okusenhliziyweni yakho, kukutshela ukuthi uyakufuna, futhi kudinga lapho, kukhombisa ukuthi kukhona okushaya, kuzama ukukudonsela lapho. Kukhona umzimba lapho, ukuthi *lona* ungumfanekiso wawo lapha. Uwusebenzisela ini lona, ukudumisa uDeveli nezwe, nezimfeshini nezinto na? Ngabe ubheke ngaseZulwini, ikhona into ephezulu lapho, udumisa uNkulunkulu ngempilo yakho na?

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi: uma bekungenjalo, bengiyakunitshela. Futhi Ngizoya futhi ukunilungisela indawo.

. . .ngobuye ngize, nginibuyisele kimi; ukuba lapho ngikhona, nibe-khona nani.

¹⁴⁰ *Izinto Ezizoba Khona.* Lezizinto ezikhona manje, ziyilokho okunokwenzeka kuphela, zibiza izinto ezobakhona.

Asikhuleke.

¹⁴¹ Cabangani kanzima. Nizocabanga, bangane abangamaKristu athandekayo na? Cabangani kanzima ngempela, umzuzwana nje. Asithule ngempela nje umzuzwana nje. Asidedele uMoya oNgcwele akhulume.

Manje, iNkosi uJesu yangithumela kinina bantu bePentecostal, kudala. Nangu omunye wabafana benu ovele ukuba abe ngumelusi wenu, wathi, “Kubangelwe ngumphumela wenkonzo.” Uyibonile iNkosi uJesu ivula amehlo ezimpumputhe; “yenza,” wathi, “ama waterheads ashwabana nya.” Ngisenazo izinkonzo zokuphilisa. Kodwa ngiyaqonda ukuthi ngikhulekele abantu abaningi ababegula kakhulu. Baphiliswa. INkosi yaphendula umkhuleko, futhi yaphilisa abagulayo. Kodwa, niyazi, abanye balabobantu, abaphiliswayo, usevele ufile. Futhi akunandaba ukuthi ugula kangakanani, uma uphilisiwe, uzofa, noma kanjani.

Kodwa lowomphefumulo, mfowethu oligugu, lowomphefumulo, dadewethu oligugu, ungcabange ngawo manje na? Lowo uPhakade. Uma lolothando lukaNkulunkulu lungexho phakathi lapho, akukho lutho oludonsayo, ungemcele uNkulunkulu, “O Nkulunkulu, phinda ungiqale, ngibe musha, kulobubusuku. NgiyaKuthanda, Nkosi. Ngifuna ukuKuthanda. Nento ethize enhliziyweni yami ingitshela ukuthi ngifanele ngiphile ngokusondela kakhulu kuWe. Ngifuna ukuza, khona manje, Nkosi, futhi ngenze lokho”? Uma lowomuntu noma abantu bekulendlu noma ngaphandle kwalendlu, ngiyakucela,

njengenceku kaKristu, eGameni likaJesu Kristu, ungakwenza nje, nekhandla lakho likhothema, uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu bese usho lokhu kakhulu, “Nkulunkulu, ngisondeze eduzane kakhulu, eduzane kakhulu, Nkulunkulu othandekayo. Ngifuna ukuba semgqeni nakho konke Onakho eZwini laKho”? Phakamisani izandla zenu. Manje yibani qotho ngempela nje. Cabangani nje.

¹⁴² Manje, bathi, “O, ngikwenzile *lokhu*. Mina, ngimemezile, uMoya. Ngikhulume ngezilimi. Kodwa, buka, kukhona okushodayo empilweni yami. Ngibuka esibukweni seZwi likaNkulunkulu, ngiyazi kukhona okuthize. Ngiyaya esontweni, kodwa angisikho lokho engifanele ngibe yikho.” Niyabo? Lokho kukhombisa lokho, into ethize.

Manje, uma ungazibuka wena bese ubona ukuthi awukho emgqeni neZwi likaNkulunkulu, futhi akukho lutho phakathi lapho oluzokubangela ukuba uphakamise isandla sakho, khonake uyazi kukhona okungalungile. Unakho. Kukhona . . . Umama wayevamise ukuthi, “Ungeke ulithole igazi kutenipu, ngoba alikho igazi kuwo.” Niyabo? Cabangani ngakho, kanzima ngempela. Leli kungaba yithuba lenu lokugcina. Amashumi amathathu, izandla ezingamashumi amane besiphakeme, leliqembu elincane lapha, ngisho nakubefundisi-bagcotshwa.

¹⁴³ Nje yibani nenhlonipho ngempela umzuzwana nje. Manje cabangani ngokuqondile ngempela. “Nkulunkulu othandekayo, ngingahle ngibulawe, kulobubusuku, engozini. Ngingahle ngife ekuhlaselweni yinhliziyu. Ngokunye kwalokhu ukusa, ngingahle ngibize udokotela, futhi afike, nokushaya komthambo wami kushaya kwenyuka ngomkhono; angisekho. Ngicindezela isihlathi sami ephilweni, ngimemeze, ‘O Nkulunkulu! O Nkulunkulu! O Nkulunkulu!’” Niyabo? Leyonhliziyu yenza ukushaya kwayo kokugcina. Uza kulowoMnyango omkhulu. Awusoze waphuma ngaphandle uma uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Awusoze waphuma ngaphandle uma kukhona into ekuwe, emva kokuba usuzelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ulambela futhi womela ukuqhubeka noNkulunkulu. Kufanele kube njalo. Niyabo? Ungumntwana emhlabeni, ezibilini zomhlaba, usalokhu ulindele ukuzalwa eMbusweni kaNkulunkulu, lapho Aye ukuyokulungiselela omunye umzimba, lowo ngumzimba ophela.

Manje cabangani ngokujulile ngempela, futhi asikhuleke kanyekanye.

¹⁴⁴ Nkulunkulu othandekayo, njengoba ngazi ukuthi lokhu kuyaphenywa eNcwadini, iRekhode elikhulu! Siphambeke kwisayense, Nkosi, okwenele ukusiphaphamisa, okwamaqiniso ukwazi ukuthi wonke umnyakazo esiwenzayo ujikeleza ujikeleze umhlaba, ngaso lesosikhathi esiwenzayo ngaso. Sinakho lokho ngetelevishini. Siyaqonda, Baba, ukuthi leyotelevishini

ayisikhiqizi isithombe, kuphela ihambisa ngomgudu u— ukuzamazama kungene eshubhini okwenza isithombe? Ngisho nombala wezingubo esizigqokile, kukhombisa ngamagagasi asemkhathini wesibhakabhaka omoya, lokho kuzamazama umhlaba jikelele. Manje-ke ukanjani odadewethu begqoke lezongubo, beziphatha kanjalo, futhi bengalambi ngisho; ubuso obupendiwe, bagunde izinwele na?

Abefundisi abayoya kwisayense yezenkolo, ikholiji elithize, “Futhi bathathe izinto zezwi lomuntu, elenza, ngamasiko abo, elenza ize imiyalo kaNkulunkulu phezu kwabantu, ngamasiko abo,” bethi bafanele babe ngabesonto, futhi yilokho kuphela na?

O Nkulunkulu, bayaqonda yini ukuthi lonke izwi esilishoyo, kufakazelwe ngokwesayense, liserekhodini na? Futhi liqala ngenkathi siqala ukuphila kulomhlaba. Liphela ngenkathi sifa, futhi libekwa kwi albamu kaNkulunkulu, ukuba liphinde lidlalwe futhi ekwaHlulelweni.

Sizophunyuka kanjani kukho, ukulahla kukaNkulunkulu, uma into yenziwe yacaca kakhulu phambi kwethu kepha nokho siyaYala na?

O Nkulunkulu othandekayo, lamaZwi awafi neze. Aqhubeka njalonzalo. Irekhode liyodlalwa ngoSuku lokwaHlulelwa. Uzibonile lezozandla eziphakamile, Baba. Siyoba khona lapho ngoSuku lokwaHlulelwa. Futhi, lokho inhliziyo yabo ebikucabanga, kuyoba lapho ngoSuku lokwaHlulelwa.

¹⁴⁵ Manje, Baba, Nkulunkulu, ngiyaKucela, njengenceku yaKho, ngikhulekela ukuthi Uzosusa bonke ububi kubantu baKho. *Ububi*: into esaziyo ukuthi sifanele siyenze, futhi asiyenzi. UDavide wathi, “Uma ngikhulelwe ububi enhliziyweni yami, uNkulunkulu akayikuyiphendula imikhuleko yami.” Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothatha ububi bethu, ngoba iZwi liyisibuko saKho sokubuka esisikhombisayo ukuthi sisilele kangakanani ekubeni ngamadodana namadodakazi eNkosi. Baba, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza, kulobubusuku.

¹⁴⁶ Futhi benze lelo altare, ngoba ialtare lihlezi ligcwele abantu. Futhi benze lelo altare, lapho esihlalweni lapho behlezi khona, benze leyonhliziyo yabo ibe yi altare labo. Kwangathi izwe lingasuka kuwo wonke umfowethu, udadewethu phakathi lapha. Futhi kwangathi leyombewana yokuPhila, imbewu yokhalo lukaNkulunkulu ebesisanda kukhuluma ngayo, leyonxenyengahlukaniseki eyehla ivela kuNkulunkulu, futhi kade ibonakaliswa lapha ukuhlonipha nokudumisa uNkulunkulu. Nkulunkulu, gudluza izwe kulokho.

¹⁴⁷ Abanye, ngeke ngakhuleka, Nkosi, ngoba “ukugula kusekufeni,” futhi akukho lutho lapho okubabangela ukuba bagudluke. Kodwa labo abangagudluke, futhi bazi ukuthi lokho kuyiphutha, hlanza izinhliziyzo zabo nemiphefumulo

yabo, kulobubusuku, Baba. Futhi kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya waKho, bahambe bangene ekuKhanyeni kwaKho.

¹⁴⁸ Busisa lona othandekayo, osemncane, ophile kahle, umelusi obukeka eqinile lapha, Nkosi. Lensizwa, ethonyekile, ishilo, ngalokho ebone Ukwenza. Lensizwa ekahle, O Nkulunkulu, vuthisa umphefumulo wayo. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ingaba ngumelusi wezimvu wangeqiniso, ngokuqhubekayo, ngaso sonke isikhathi, ukuba aphe umhlambi uMoya oNgcwele omenze waba ngumbonisi phezu kwawo. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ingephendukele kwesokudla noma esokunxele, kungabikho-ndlela yesivumokholo, kungabibikho lutho olunye kodwa iZwi likaNkulunkulu elingaxutshwe nalutho livele emlonyeni wakhe, futhi Lelo kuphela. Mbuse, Nkulunkulu, yena nabathandekayo bakhe, nebandla lakhe elincane lapha. Yiba nabo bonke, Baba.

¹⁴⁹ Nginikela lokhu kuWe, Baba. IMbewu isihlwanyelwe. Kwangathi Ingawela phezu kwaleyombewu emiselwe ukuPhila, futhi imile ibe nkulu, amaKristu aqinile alelibandla lapha, namanye amabandla lapho bevela khona. Siphe khona, Nkosi. Ngikunikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

Futhi, Baba, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.”

¹⁵⁰ Ngibone ongena ngomnyango, emizuzwaneni embalwa edlule, owesifazane ompofu oguliswa yimizwa. Futhi, O, Nkulunkulu, emndenini wakhe uqobo, izinto ezinkulu kangaka eyenziwe, ukuthi Uzibonakalise kanjani Wena uqobo! Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ngalowo wesifazane. Susa konke lokho okudlulile kwasemuva, kwempilo, Nkosi, futhi umpilise kulobubusuku. Uzokwenza, Nkosi na? Mthathe abe kuWe.

¹⁵¹ Ngiyakubona, abantwana abancane behlezi lapha, Nkosi, bedinga ukuphiliswa, abanye. Ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa, Baba. Siphe khona. Kwangathi amandla aKho amakhulu okuphilisa angeza futhi asiphilise, kokubili umphefumulo nomzimba.

¹⁵² Futhi manje, kinina manje enisendlini yokukhonzela lapha, noma ngaphandle, odinga ukuphiliswa, Ngifuna uphakamise isandla sakho, uthi, “Ngidinga ukuphiliswa, Mfowethu Branham.” Kubukeka sengathi wonke umuntu uyakudinga. Kulungile. Nizongikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje-ke, ngifuna nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye. Nje bekani izandla zenu phezu komunye ngamunye. Niphakamise izandla zenu, ongaphakathi noma ngaphandle, niphakamisa izandla zenu, ukuthi beningamakholwa kuNkulunkulu.

UJesu Kristu wathi, Ukuthuma kwaKhe kokugcina eBandleni, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo... Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyolahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; kodwa, futhi uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Manje, uJesu wakusho lokho. Khumbulani, Wakusho lokho. Lokho kufanele kube khona. Wayengeke akusho lokho ngaphandle uma kuzobakhona ongabamba leloZwi.

Njengesizalo sikaMariya nje sakwazi ukubamba imbewana, “Intombi iyakukhulelwa.” Njengesundu lakwazi ukudalwa, nesihlahla som-oki egqumeni, iZwi laKhe lakwenza.

IZwi laKhe lingabamba enhliziyweni yakho khona manje. “Ngiyikholwa, Nkosi. Lona wesilisa noma wesifazane engibeke izandla zami phezu kwakhe, bayagula. Angizikhulekeli mina uqobo. Ngoba, bakhulekela mina. Ngikhulekela yena owesifazane, noma yena owesilisa. Futhi, O Nkulunkulu, mphilise owesilisa, mphilise owesifazane. Futhi ngiyikholwa, futhi manje sibuthene. Sisanda kufundiswa nje ukuthi sasinoKristu ngenkathi Ehamba emhlabeni, ngokuba siyinxenye yeZwi laKhe. Sahlupheka naYe. Sopha naYe. Safa naYe. Sembelwa naYe. Sivuswe naYe, futhi sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. INkosi enkulu ihlezi lapha phakathi kwethu, futhi ngiyindodana noma indodakazi yaleNkosi. Futhi ngibeke izandla zami phezu kwendodana noma indodakazi yeNkosi, engikhulekelayo, nami ngikhulekela bona. Manje, Mbusi, phendula umkhuleko wami, futhi uphekile lendodana kaNkulunkulu noma lendodakazi kaNkulunkulu.”

Kanyekanye, asikhulekelane manje.

¹⁵³ Nkosi Jesu, siza ngokuzithoba, sivuma amaphutha ethu. Siyeza, sivuma ukuthi sikufanele ukugula nokufa, nosizi, kodwa semukela inhlawulo yaKho ngezono zethu nokugula kwethu. Futhi, kulobusuku, lamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ehlezi lapha, ezwa ukuqondisa kweZwi, futhi ephakamisa izandla zawo, futhi efuna ukuhamba ngokusondela kakhulu. Abeka izandla phezu komunye nomunye manje ngoba ayalikholwa iZwi laKho ukuthi liqinisile. Ayakholwa ukuthi manje sesivusiwe noKristu, sihlezi ezindaweni zaseZulwini naYe. Abeke izandla zawo phezu komunye nomunye, ekhulekelana.

Wena wathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakumphilisa ogulayo, noNkulunkulu uyakumvusa; futhi uma enze noma yisiphi isono, uyothelelelwa sona. Nivuma izono zenu omunye komunye, nikhulekelane, ukuze niphilise. Ngokuba

umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.” O Nkulunkulu oPhakade, yizwa umkhuluko wezinceku zaKho.

Futhi manje, kulotshiwe futhi, “Uma abantu, ababizwa ngeGama laMi, beyobuthana, futhi bakhuleke; khona Ngiyakuzwa ngiseZulwini.” O Nkulunkulu, yizwa umkhuleko wabantwna baKho kulobubusuku, useZulwini. Yehlisa uMoya oNgewele phezu kwalezizethameli, njengokuvunguza komoya onamandla. Futhi siletha lababantu phambi kukaNkulunkulu.

¹⁵⁴ Sathane, wehluliwe. Uyisidalwa esehluliwe. UJesu Kristu wakunqoba eKalvari. Awunamandla. Ungumkhohlisi. Sibiza isandla sakho, kulobubusuku. EGameni likaJesu Kristu, phuma kulababantu lapha, wena kugula nezifo. Futhi kwangathi bangahamba, bakhululeke, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

¹⁵⁵ Haleluya! Yizwa inkazimulo kaNkulunkulu! Yizwa umkhuleko wakho uphendulwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu umphendulile umuntu ohlezi eduze kwakho na? Bangaki abakukholwayo na? Phakamisani izandla zenu? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Nakho lapho enikhona. O, kuyamangalisa!

Ng’yaMthanda, ngi . . .

Izandla zenu ziphakeme manje, liculeleni Yena, ngayo yonke inhliziyo yenu.

Ngoba Wathanda kuqala . . .

Nilisho ngempela, ngayo yonke inhliziyo yenu manje na?

¹⁵⁶ Bangaki kini abezwayo ukuthi uNkulunkulu usenithethelele ububi benu, izinto enizenzileyo na? “Futhi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, O Wundlu likaNkulunkulu, Ngethembisa ukuhamba ngobuqotho. Ngizohamba ngokuhlonishwa kweGama engibizwa ngalo, umKristu, impilo efana nekaKristu. Ngizophakamisa izandla zami, Nkulunkulu. Ngizinikela mina kabusha kuWe, kulobubusuku. Ngizohamba ekuKhanyeni.” Amen.

Sizohamb’ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamb’ekuKhanyeni, KungukuKhanya
okuhle kangaka,
Kufika lapho amathonsi amazolo . . .

Lapho Ayosilungiselela khona indawo.

Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.
 Wozani, nina bonke bangewele bokuKhanya
 nimemezele,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe;
 Iqiniso nomusa eGameni laKhe,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizokwenzenjani-ke?

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle
 kangaka,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

O, anizizwa nikolojwe kwaphuma konke, nizizwa nikahle
 na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] O, he! Asixhawulane, njengoba
 silicula futhi.

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle
 kangaka,
 Kufika lapho... (UNKulunkulu akubusise,
 mfowethu.)... omusa ekhanya khona;
 Kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Asivale amehlo ethu nje futhi silihamishe. [UMfowethu
 Branham nebandla baqala ukuhamisha u *Jesu ukuKhanya*
KweZwe—Umhl.] Senzisa okwabantwana. Singabantwana.

O, kungukuKhanya okuhle kangaka,
 Futhi Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 O, kusikhanyisa ndawo zonke, emini
 nasebusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.

AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Ukhohlo lwami lubheka phezulu kuWe,
 Wena Wundlu laseCalva- . . .

Valani amehlo enu nje bese nilicula. Nidumise eMoyeni.

Msindisi waPhezulu;
 Manje ngizwe ngisakhuleka,
 Susa zonke izono zami,
 O makuthi mina kusukela namuhla
 Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
 kwempilo,
 Nosizi lwanda macala onke kimi,
 O, yiba Wena nguMholi wami;
 Yala ubumnyama bube yimini,
 Sula ukwesaba kokudabuka,
 Ungangivumeli nanini ngiduke
 Ngisuke eceleni kwaKho.

¹⁵⁷ O, he! ngiyazi ngingumfo oyifeshini endala. Ngithanda . . . Ngicabanga ukuthi lokho kunakho konke okusha, okuqotshiwe, kwasinwa isipheni, ukushaya kokuzenzisa, amamayela ayisigidi. Lezozimbongi ezindala ezabhala lawomaculo, uMoya oNgcwele wathinta lelopheni, baqala ukubhala. O, he! Cabangani ngoEddie Pruitt nabo bonke; omkhulu! UFanny Crosby:

Mawungangedluli, O Msindisi onobubele,
 Yizwa ukukhala kwami kokuzithoba.

¹⁵⁸ Ngesinye isikhathi babezama ukumthola. Ake—akenzanga njengoElvis Presley wePentecostal, athengise ngobuzibulo bakhe ngokoniwa yizimoto amaKadilake. U . . . Bafika kuye futhi babefuna ukuba abhale—abhale amaculo ezwe. Wathi, “Ngeke ngakwenza, ngalutho.”

Bathi, “Ngani, uyimpumpithe. Uma ufika eZulwini, wazi kanjani?”

Waphenduka, ugqozi, ngakho wathi:

Ngiyomazi, ngiyomazi,
 Futhi ngihlengiwe ngiyoma eceleni kwaKhe;
 Ngiyomazi, ngiyokwazi (Kanjani na?)
 Ngemilobo yezipikili kwesaKhe . . .

Kungenjalo, “Uma ngingaMboni, ngiyozwa izandla zaKhe.”

Ngiyomazi, ngiyomazi,
 Futhi ngihlengiwe ngiyoma eceleni kwaKhe;
 Ngiyomazi, ngiyomazi
 Ngomlobo wezipikili esandleni saKhe.

¹⁵⁹ Akunenzi niMthande na? Uye ukusilungisela indawo! “Nanxa Ngiya ngilungisa indawo, Ngobuya futhi, ukuba nginibuyisele kiMi.”

¹⁶⁰ Bantwana abancane ekusikweni manje, phindani nilalele imiyalo kaNkulunkulu. Nomelusi, lapha, uma engekho kuni oke wabhaphathizwa, amanzi azobe eselungile. No—nobulunga bebandla, kumbe noma yini enifuna ukuyenza, kumbe noma yini, kwenzeni. Aninawo umbhaphathizo, uMoya oNgcwele, lobu ngubusuku bokuMemukela. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁶¹ “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, sesedlule isikhathi. Usuvele ushumayele isikhathi eside kakhulu.”

UPawulu washumayela ubusuku bonke, ngobunye ubusuku, loluhlobo olufanayo loMlayezo. Nencane...Insizwa yawa odongeni futhi yazibulala. NoPawulu, egcotshwe kakhulu ngalolohlobo olufanayo loMlayezo, wabeka umzimba wakhe phezu kwayo, nokuphila kubuyela kuyo futhi. Uselokhu engu “Jesu Kristu onguye izolo, namuhla naphakade.”

AniMthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ake sithi nje, kanye futhi, izandla zethu ziphakeme, “NgiyaMthanda. NgiyaMthanda.”

Uphi umshayi wopiyano na? Lapho, uma uthanda, dadewethu, noma ngabe ubani. Sinike indlela encane, uma uthanda.


Bangaki abaMthandayo na? Phakamisa isandla sakho nje. Uthi, “NgiyaMthanda ngempela. NgiyaMthanda nje, nga—ngayo yonke inhliziyo yami. NgiyaMthanda.”

¹⁶² Manje asilicule nje, kulo udumo lukaNkulunkulu. Manje, namehlo ethu evaliwe, izandla zethu ziphakamele eZulwini, “NgiyaMthanda. NgiyaMthanda.” SizoMdumisa. Uma ushumayela, futhi usika, futhi udabula, futhi udonsa kanjalo, leli yibalisamu uNkulunkulu alithelayo, nje liyaphilisa. “Kukhona iBalisamu kwaGileyadi, lomphefumulo.” Asilicule manje. Sinike indlela.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
 Ngoba Wangithanda kuqala
 Wang’thengel’insindiso
 Emthini waseKalvari.

¹⁶³ “Futhi kulokhu bonke abantu bayazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando, lomunye komunye.” Kunjalo. Uma singenakuthandana esimbonayo, sizomthanda kanjani uNkulunkulu esingenakumbona na?

Ng’yaMthanda.

¹⁶⁴ [UMfowethu Branham ukhuluma kumfowethu emsamo—Umhl.] UNkulunkulu akubusise. [Umfowethu uthi, “Ngokuba lapha kulobubusuku kungukuhlonishwa kwangempela okuvela eZulwini.”] Ngiyabonga, mfowethu. [“Kumnandi ngempela.”] Manje, ngicabanga ukuthi ibandla, wonke umuntu, uqinisiwe. Aninjalo na? [“Yebo. Ngempela.”] UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Boone. Ngizobuyisela ibandla kuwe. UNkulunkulu akubusise. 

IZINTO EZIZOBA KHONA ZUL65-1205
(Things That Are To Be)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoDisemba 5, 1965, eFirst Assembly Of God eRialto, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org